


# UKULINDELA

 Sanibona kusihlwa, bangane. Kuyinhlanhla ngempela ukubuya futhi, kulobubusuku, eLong Beach ukuba nalesisikhathi senhlanganyelo emavikini ezayo. Futhi bekuthi ukungimangaza ukwazi ukuthi bengizohlala eLong Beach kade kangaka, isikhathi eseluliwe.

<sup>2</sup> Futhi ngicabanga ukuthi uMfowethu Arganbright, ngenkathi engibiza mayelana nokuza oGwini lwaseNtshonalanga evela ePhoenix, wacela ubusuku obubodwa eLos Angeles, nobusuku obubodwa lapha, bese kuthi-ke lapho ngithola ukuthi ngithole, noma, ubusuku obubodwa, ngiqonde iviki elilodwa endaweni ngayinye, ngicela uxolo, bese-ke ngithola ukuthi nginamaviki amabili lapha, iSonto kuze kube iSonto, ngicabanga ukuthi kunjalo, noma, ngoLwesibili kuze kube yiSonto, kuze kube yiSonto. Futhi ngakho, silindele manje, ukuba sibe nesikhathi esikhulu. Manje, singaba nesikhathi esimnandi kuphela eNkosini, njengoba sonke siYikhonza ndawonye, sifanele sikwenze lokho.

<sup>3</sup> Futhi manje, bengikhuluma nomelusi, namhlanje, futhi—futhi ngambuza nje ukuthi hlobo luni lwenkonzo, ngabe bekuyimvuselelo ebesiyilindele, noma ngabe ubezoba nenkonzo yokuphulukisa na? Futhi wathi, “Njengoba nje iNkosi izohola.” Ngakho lokho, kuthi nje akube kuhle impela ngiqagele, njengoba bengingacela. Yilokho esikufunayo, sifuna lapho iNkosi iholela khona, bese kuthi-ke uma iNkosi inelungelo lendlela, khona-ke yonke into izoba kahle.

<sup>4</sup> Futhi kungukuthi, ngicabanga ukuthi lesi yisikhathi sami sesibili kulelitabernakele. Ngicabanga ukuthi lena yindawo esiza kuyo, kwakungesuye uMfowethu Demos, ngobunye ubusuku ezansi lapha, cishe eminyakeni emibili noma emithathu edule, noma okuthize na? Futhi, eminyakeni ethi ayibe mibili edule, yebo, mnumzane. Kwase kuthi-ke ngake ngaba ngale eHholo likaMasipala lapha ngenkathi thina, ngiqala ukufika oGwini lwaseNtshonalanga, futhi ngakho ngithi ukuzizwa sengathi ngiyingxenywe yenu kwasekuqaleni nje, hhayi kuphela ngoba kade ngilapha, ngoba kade ngisendaweni efanayo enanikuyo ukuthola insindiso, eKalvari. Futhi yilapho esi... UMthombo kuphela engiwaziyo yilowoMthombo waseKalvari, lapho uNkulunkulu athululela khona izibusiso zaKhe phezu kwesintu, futhi yilapho engamukela khona okwami, ngaphansi kweGazi leNkosi uJesus.

<sup>5</sup> Futhi manje, uma iNkosi ithanda, ngithanda nje ukubona ukuthi bangaki obefuna ukukhulekelwa, sibe nenkonzo yokuphulukisa ngobunye ubusuku. Ake sibone uma siphakamisa

izandla zethu, nxazonke. Awu, lelo yiqembu elincane elihle lenkonzo yokuphulukisa, ngakho, okwebandla, empeleni.

<sup>6</sup> Bese kuthi-ke, awu, kusasa ebusuku, ubungathanda kanjani ukuba nenkonzo yokuphulukisa kusasa ebusuku, bekungakuhle lokho na? Kulungile, ngizoba nabafana ngapha ukuba bakhiphe amakhadi omkhuleko cishe ligamenxe elesithupha, into ethile efana naleyo, ngakho ngeke kuphazamise ezinye izingxenyane zomhlango. Futhi khona-ke sizokhulekela abagulayo kusasa ebusuku, uma uNkulunkulu ethanda.

<sup>7</sup> Futhi khona-ke sizobona-ke lapho Eholo, eqhubeka, sibone ukuthi bangaki. . . Niyazi emhlanganweni omncane webandla njengalona, singakhulekela bonke abagulayo ngobusuku obubodwa. Ngakho, ukuba lapha ubusuku obuyishumi nantathu, lokho kuzoba—kuba yinkonzo yokuphulukisa ngempela. Ngakho, uma abantu bengena, abagulayo belokhu beminyanisa phakathi, ngani, sizokhubeka sibakhulekele lapho—lapho bengena.

<sup>8</sup> Manje, mhlawumbe leliviki elizayo, leli elilandelayo iviki elizayo, njalo, uma kuyintando yeNkosi, ngisanda kuqeda nje, ngaphambi kokuba ngiqale uhambo lwalonyaka, etabernakele lami, ngiqede uchungechunge lweminyaka yebandla yokugcina eyisikhombisa eSambulweni. Futhi mhlawumbe, iNkosi ithanda, ngithanda ukuthatha ngeviki elizayo ngabagibeli bamahashi abane beSambulo, futhi nginikeze ubusuku ehhashini ngalinye nomgibeli ngamunye, nokuthi kumeleni esikhathini esiphila kuso.

<sup>9</sup> Ngicabanga ukuthi ku—kufanele sonke sifanele sixwayiswe ngezinto ezizayo. Yilokho ibandla elishoda ngakho namhlanje, yisexwayiso sokulungiselela. Ngiyakholwa, ngempela, ibandla lalisesimweni esingcono eminyakeni engamashumi amane edlule ukuba uKristu afike kunoma linjalo namhlanje, unyaka ongamashumi amane.

<sup>10</sup> Ngangikhuluma ngalokho ngolunye usuku eWestward Ho, eNgqungqutheleni yeFull Gospel Business Men, ukuthi kanjani ibandla, eminyakeni engamashumi amane, lalahlekelwa yinkundla, njengoba nje lenza ehlane, kodwa sekuyisikhathi manje lapho izilwi ezindala sezifile, futhi sifanele sizihlanganise ndawonye, futhi siqale siqhubeke ngoMbuso kaNkulunkulu, futhi siwele futhi sizuze izibusiso ezigwele.

<sup>11</sup> Futhi njengoba nje iNkosi izohola kuleliviki, sizobe sikhuluma ngalezozindaba, ekulungiseleleni.

<sup>12</sup> Manje, umfundisi angeke aletha imvuselelo, akukho-mshumayeli ongaleta imvuselelo, akayiphethe, futhi into kuphela angayenza ngukwethembeka nje kuNkulunkulu naseZwini laKhe, nemvuselelo izofanele ize ngabantu, ekhaya lakho, empilweni yakho. Manje, *imvuselelo* akusikho ukwenezela amalunga amasha ebandleni, kungukuvuselela

lokho esesivele sinakho, ukuvuselela kusho “ukubuyisa.” Ngakho imvuselelo . . .

<sup>13</sup> Ngama, lapha eminyakeni ethize eyedlule, okokuqala ngqa ngasemanzini amaningi kakhulu, okwakuyiLake Michigan, ngangithi angibe, ngangisanda kugcotshwa nje eMissionary Baptist Church, ngangithi angibe neminyaka engamashumi amabili noma amashumi amabili-nanye ubudala. Futhi ngangenyukele lapho ngenkathi babene, babenenkonzo ethize enkulu yePhasika yokuphuma kwelanga phandle echibini.

<sup>14</sup> Futhi ngangazana noPaul Rader, futhi wayefanele akhulume kulowomhlangano, futhi ngangifuna ukuvakashela itabernakele ngenkathi ngangiseChicago. Futhi kwakungokokuqala ukuba ngibone lawomanzi amaningi kakhulu.

<sup>15</sup> Futhi ngaphumela eLake Shore Drive futhi ngama phandle lapho isikhashana, futhi ngaqaphela onke lawomagagasi egxuma phansi naphezulu, nje-nje ebaneka nxazonke, ngacabanga, “Akhuxhumela ini kangaka na? Okwani konke ukuxhuxhuma na?”

<sup>16</sup> Futhi amagagasi amancane ayeqala, bese-ke egijima aphume, futhi kube ngamagagasi amakhulukazi, futhi abhampe kwelinye nelinye, ahlakazeke, ne-negwebu lindiza liye phezulu, bese-ke libuya lingene, khona-ke ngibona amagagasi amakhulu eza futhi, ehlakazeka osebeni, njengoba nijwayele lapha, kodwa lokho kwakuyinto entsha ki-kimi, i-i-inceku ehkala kude nolwandle. Ngakho, ngiqaphelile ukuthi kwakuzokwenza kanjani . . .

<sup>17</sup> Futhi ngathi, “Awu, kufanele kube yini, ukuthi ichibi linemvuselelo, lokho kufanele kube yilokho okuyikho, linesikhathi esimnandi, nje ligxuma phansi phezulu.” Ngacabanga, “Lokho ku-lokho kuhle, lokho kukahle.”

<sup>18</sup> Kodwa, niyazi, nga-ngacabanga, “Awu, angazi noma lithola inqwaba yamanzi engeziwe lapho linemvuselelo na?” Ngacabanga, “Qhabo, akukho nelilodwa iconsi ngaphezulu kulo, khona manje, kunokuba uma belizothile ngokuphelele, akukho nokukodwa okuncanyana. Ngamanzi afanayo, kodwa nje ukuba nemvuselelo, lugxuma phansi phezulu.” Ngacabanga, “Awu, kusiza ngani lokho na?”

<sup>19</sup> Uthola ukuthi, lapho linemvuselelo, futhi ligxuma phansi phezulu kanjalo, kukhuculula yonke imfucumfucu kulo phezulu ogwini. Ngakho yilokho iBandla elikudingayo, yimvuselelo, lithole konke okwezwe nezinto zezwe kugezekile, ukuze Libukeke licacile, libe lihle futhi. Lapho konke sekudamba, linesilinganiso esifanayo samanzi.

<sup>20</sup> Kodwa okubangela ulwandle ukuba lwenze lokho, yingoba kukhona umoya ofikayo, uqala ukuvunguza ngokumelene namagagasi, uphephetha uphikise amanzi amaningi, uwaphakamise. Awu, yilokho iBandla elikudingayo

kulobubusuku, ngukuvunguza okuthile koMoya oMkhulu onaMandla wehlela phezu kwaLo futhi, nokuLivuselela, nokukhipha lonke izwe, nezinto zezwe, futhi ngaleyondlela khona-ke kuqala imvuselelo. Bese kuthi-ke lapho sekuzinza, iBandla lonke lisesimweni-ke, ukuqala khona-ke ukwemukela iziphiwo zokomoya nezibusiso ezivela kuNkulunkulu, futhi yilokho esikufunayo.

<sup>21</sup> Angikholwa ukuthi imvuselelo esiyibhekile ukuba ifike iza ngefeshini esiyibhekile, njalo ifika ngokuphambene nalokho esikubhekile, uKristu ufika ngokwehlukile, uJohane umBhaphathizi.

<sup>22</sup> Awu, uma noma ubani ubengacabanga... Ngicabanga ukuthi uma abanye babahumushi bomBhalo osukwini lukaJohane babeyothi, "Izwi lomemezayo ehlane, lungisani indlela yeNkosi, yenzani imikhondo yayo iqonde," Sengathi ngiyabona abanye babo babecabanga ukuthi uNkulunkulu wayezothi nyelele amaphasiyi aphume eZulwini, futhi abe nomphelekezeli weziNgelosi ehla emhlabathini, nomunye omkhulu, umprofethi onesithunzi uyofika ehamba ephuma eNkazimulweni.

<sup>23</sup> Futhi kwakuzoba kukhulu kakhulu, kuze kuthi zonke izindawo eziphansi ukuba zenziwe ziphakame, nazo zonke izindawo eziphakemeyo zehliselwe phansi, nezintaba zazizotshekula njengezingqama ezincane, nawo onke amaqabunga ayezoshaya izandla zawo. Isehlakalo esinje pho okwakuzoba yiso! Kufanele ukuthi abantu babheka ini ukukubona ngalezozikhathi!

<sup>24</sup> Kodwa kwafezeka kwaba yini na? Umshumayeli omdala obukeka efiphele ezisonge ngesikhumba semvu, mhlawumbe akaze ageze njalo ezinyangeni ezintathu noma ezine, wahamba ephuma ehlane, emi odakeni luze luyofika emadolweni akhe, futhi empongoloza, "Phendukani, ngokuba uMbuso weZulu ususondele!" Yilapho izindawo eziphakemeyo zenziwa zaba phansi, nezindawo eziphansi zenziwa zaba phezulu.

<sup>25</sup> Lokho umuntu akubiza ngokuthi *kukhulu*, uNkulunkulu ukubiza *ngobuwula*. Futhi lokho umuntu akubiza *ngobuwula*, uNkulunkulu ukubiza ngokuthi *kukhulu*. Ngakho-ke esizofanele sikwenze ngukubuyela emuva ohlelweni lukaNkulunkulu futhi sithole, empeleni, lokho uNkulunkulu afuna sikwenze, futhi indlela kuphela engikwazi ngayo ukukwenza ngumkhuleko; umkhuleko uyisihluthulelo, leyo yimpendulo, umkhuleko uguqula izinto.

<sup>26</sup> Umkhuleko uyisikhali esinamandla kakhulu esake safakwa e—ekulawuleni kwezidalwa ezingabantu, akukho-bhomu le-atomu, noma akukho-bhomu lehayidrojini elinamandla njengomkhuleko. Umkhuleko uzoguqula umqondo

kaNkulunkulu. Benikwazi lokho na? Wakwenza ngesinye isikhathi.

<sup>27</sup> Umprofethi wathunyelwa enhla enkosini ekamelweni, wayesethi, “Yenyuka futhi umtshela, ISHO KANJE INKOSI, akehli embhedeni, uzofela khona lapho ekhona.” No-Isaya wenyuka wayesetshela uHezekiya lokho.

<sup>28</sup> Futhi ngiyabona bonke o-osaziwayo esangweni, abantukazana phandle emagcekeni angaphandle, ngenkathi bengena, bathi, “O, mprofethi kaNkulunkulu, kuzoba njani ngenkosi yethu na?”

“ISHO KANJE INKOSI, izofa.”

Waphuma waya emabuthweni, “O, mprofethi omkhulu, ithini iNkosi ngenkosi yethu na?”

<sup>29</sup> “ISHO KANJE INKOSI, izofa.” Futhi lokho kwakuqinisile, iNkosi yamtshela lokho. Uyaqhubeka uyehla, ungena endlwaneni yakhe encane ndawondawo, emuva ehlane.

<sup>30</sup> Futhi uHezekiya waphendulela ubuso bakhe odongeni futhi wakhala kamunyu, wayesethi, “Nkosi Nkulunkulu, ngiyaKuncenga ukuba unginake, ngihamba phambi kwaKho ngenhliziyo ephelele. Ngidinga iminyaka eyishumi nanhlanu ethe xaxa ukulungisa umbuso wami esimweni.”

<sup>31</sup> Futhi, niyazi, kubukeka kanjalo uma uNkulunkulu ubeyofuna ukusho noma yini, Wayeyomtshela ngenkathi esakhuluma naYe, kodwa uNkulunkulu unezindlela zokwenza izinto. Ufanele uze ngezindlela zikaNkulunkulu namacebo kaNkulunkulu okwenza izinto. Inqobo nje uma sizama ukungena thina uqobo, khona-ke ngeke kusebenze. Futhi nje singeke safanisa omunye nomunye, sifanele siphile ngamunye phambi kukaNkulunkulu.

<sup>32</sup> Manje, umuntu omkhulu kunabo bonke ezweni, kusobala, kwakuyinkosi; uMuntu omkhulu kunabo bonke eZulwini kwakunguNkulunkulu. Kwakukhona umuntu omkhulu kunabo bonke emhlabeni, ekhuluma noMuntu omkhulu kunabo bonke eZulwini, omkhulu kunabo bonke eZulwini, futhi nokho amandla amakhulu aseZulwini awakwazanga ukuphendula enkosini, ngoba wayengahloselwe ukuba yilokho, wayeyinkosi nje. Wayesekhuluma-ke no-Isaya, lowo kwakungumprofethi waKhe, wayesethi, “Hamba umtshela ukuthi ngiyizwile imikhuleko yakhe, futhi ngizomsindisa iminyaka eyishumi nanhlanu.”

<sup>33</sup> Manje, ucabanga ukuthi lowomprofethi ufanele ukuthi wayephoxekile kanjani ebuya ngqo, “Ubuyelani, Mprofethi na?”

<sup>34</sup> “ISHO KANJE INKOSI, yena uzophila.” Futhi nje washiya isango ethi, “ISHO KANJE INKOSI, yena uzofa.” Buya, “ISHO KANJE INKOSI, uzophila. ISHO KANJE INKOSI, uzophila.” Ngani na? Yini ekuguqulile na? Umkhuleko, leyo yimfihlo.

<sup>35</sup> Umkhuleko uvula umnyango, umkhuleko. “Noma yini eniyicela ngomkhuleko ngokukholwa nikholwa, niyakukwamukela. Celani kuvame ukuba ukuthokoza kwenu kugewale.”

<sup>36</sup> Asicele uNkulunkulu, kulobubusuku, ukuba nje angagodli lutho, kodwa athulule amandla aseZulwini, uma Ezosinyakazisa futhi asidabule sibe yizicucu, futhi ehlele endlini yoMbumbi, futhi siphinde sibunjwe futhi, uma kuyilokho okukuthathayo, yilokho engikufunayo. Futhi ngicabanga ukuthi yilokho lonke ikholwa elinenhliziyo eqotho elikufunayo, akunandaba ukuthi kuthathani.

<sup>37</sup> Manje, asikukhumbule lokho njengoba umhlangano uqhubeka, “Angikhathali, Nkosi, ukuthi kuthathani, kodwa ngifuna Wena ukuba ungvuselele. Uma kuyinto ethize engiyenzayo, into ethize ebengingafanele ngiyenze, into ethize ebengifanele ngabe ngiyenzile, vele ungidabule ngibe yizicucu futhi ungibuyisele futhi ukuze ngizoKulalela.” Ngaleyonhloso enhliziyweni, uNkulunkulu uqiniseke impela nje ukuhamba enkundleni, njengoba ngimi emva kwalelipulpiti. Kunjalo.

<sup>38</sup> Manje, lesi yisikhathi sokuqala engikhumbula ngaso kuwo wonke umlando wemihlangano yami, ukuthi ngake ngafika endaweni ukubamba imvuselelo, hhayi inkonzo yokuphulukisa. Futhi ngiyajabula nje ukuthi lokhu kuhlelwe ngalendlela. Ngicabange ukuthi mhlawumbe kuzoba ngukuthi, sizokhuphukela eLos Angeles, futhi lapha ubusuku obumbalwa, naphezulu lapho, nakanjalo, kodwa kwaphetha ngandlela thize, noma kwahlelwa emnothweni omkhulu kaNkulunkulu ukuthi ngangizoba lapha, ngiyethemba, kulamaviki amabili ebandleni, kubanjwe imvuselelo, ngakho mhlawumbe yileyondlela uNkulunkulu ayifunayo, ngakho sizovele sikushiyele kuYe. UnguBasi, Akasuye na?

Bangaki abamThandayo na? O, wena, o, lokho kuhle, khonake kubukeka sengathi onke amakholwa, lokho kuhle.

<sup>39</sup> Awu, asi—asikhulume kulobubusuku, futhi silungiselele izinhliziyu zethu inkonzo yokuphulukisa kusasa ebusuku. Bese kuthi ngo—ngoLwesine ebusuku, sizoqala ngqo ngezindikimba zokuvangela, kanjalonjalo, uma iNkosi ithanda. Futhi sikhulekela ukuthi uNkulunkulu uzoba nathi emvuselelweni enjalo ngeSonto, inkazimulo kaNkulunkulu izobe inetha nxazonke phezu kwethu, noNkulunkulu uzobe ehamba phakathi kwethu ngezimanga ezinkulu nezibonakaliso, namakhulu emukela uMoya oNgcwele, futhi—futhi nje uye ndawo zonke.

<sup>40</sup> Manje, asi—asiqondile ukusho manje. . . Imvuselelo enkulu yeqiniso, ayitholi izihloko ezinkulu zezindaba, nezinto ezinjalo. Qhabo, qhabo. Kunento eyodwa uJesu Kristu ayesilele ngayo empilweni yaKhe, ngiyakuzonda ukusho lokho, kodwa Wakwenza, uJesu wayeshoda ngento eyodwa,

umbukiso wesimodeni, Wayengesikho ukubukisa, qhabo. Yena...bona...Wonke umuntu, namhlanje, uzofanele abe nezihloko zezindaba ezinkulukazi, futhi eqhosha ngalokho abakwenzayo, lelo ziyembe elihlohliwe. Kunjalo. Leyo akusiyo inceku kaNkulunkulu, inceku kaNkulunkulu izozithoba, izigodla.

<sup>41</sup> Futhi lapho kufika imvuselelo, bukani ukuthi yini ebilokhu ifika, ngenkathi kufika ezinsukwini zikaJesu, engcosaneni nje ngesibalo, abantu abambalwa nje. Bukani ukuthi uJohane wayenani phandle lapho osebeni, abantu abambalwa nje babuthana nxazonke, bevela ezifundeni ezizungezile, ukuzomuzwa. Cishe amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye awo enqaba uMlayezo wakhe futhi asuka ahamba, nokho kwakuyimvuselelo enkulu, nesikhathi sokuzamazama.

<sup>42</sup> UNkulunkulu unyakazisa izinto, nabantu abaqondi ukuthi kuyenziwa. Niyabo, uNkulunkulu unyakazisa iBandla laKhe, imvuselelo iseBandleni laKhe. Ngikholwa ukuthi iBandla libizelwe ngaphandle manje, kodwa into yokuvuselela, ngukuvuselela nokunyakazisa leloBandla endaweni yaLo futhi.

<sup>43</sup> Omunye wathi, “Kungani uzilulaza nesigejane samaPentecostal, abangingqiki abangcwele, kanjalonjalo na?” Awu, yilapho engathunyelwa khona, ngingomunye wabo. Ngakho ba—bathi, “Kungani ninga, nenza lezizibonakaliso, kungani ningakhuphukeli ezindaweni ezinkulu, izindawo eziphakeme, kanjalonjalo na?”

<sup>44</sup> Uma niqaphela, leyo yinto efanayo impela eyashiwo eNkosini yethu. Abafowabo basho ngisho nakuYo, “Kungani ungenyukeli phambi kukaKayafase, noma ezinye ze—zezindawo ezinkulu futhi uzibonakalise na? Uma unguye, ube yiloMfo, loKristu, bazise ukuthi ungubani.”

<sup>45</sup> Wathi, “Usuku lwakho luhlala njalo.” Akakhuphukanga nabo, kodwa ihora laKhe laliseza; Wayengesuye umbukisi. Futhi ngicabanga ukuthi yileyo indaba ngebandla namhlanje, lithola okuningi kakhulu ukubukisa esikhundleni sikaKristu owenele. Niyabo? Sifuna uKristu, akukho-mbukiso, uKristu, sifuna ukumisa izinhliziyozethu. Futhi lapho sithola leyondawo, nizothola ukuthi uNkulunkulu unguye nje izolo, namuhla, naphakade, Akehluleki.

Manje asikhothamise ikhanda lethu, umzuzwana nje, futhi sisondele kuMqalisi, ngaphambi kokuba sisondele eZwini laKhe.

<sup>46</sup> Baba wethu waseZulwini, ngempela singabantu abanenhlanhla, kulobubusuku, ukubuthana ndawonye lapha esizweni esikhululekile, lapho esingakhonza khona uNkulunkulu ngeziyalo zethu uqobo zikanembeza wethu.

Sijabula kakhulu ngalokhu, nangomnyango ovuliweyo, nokho, ezweni lakithi, sazi ukuthi ngeke kube yisikhathi eside kakhulu manje, kuze kuthi lamathuba azosuswa kithi. Futhi, Nkosi, kuyoba yinto enkulu lapho kunjalo, ngoba khonake uthando lukaNkulunkulu luzosicindezela, izinhliziyi zethu zize zihlangane ndawonye.

<sup>47</sup> Ngiyakhuleka, Baba, ngalomhlangano ozayo, waseLong Beach, nangalelibandla, elibizwa ngombuthano kaNkulunkulu, nalapho abantwana bakaNkulunkulu bebuthana khona, ndawonye. Nebandla lingabantu owakha umzimba.

<sup>48</sup> Futhi siyakhuleka, Nkulunkulu, ngalomelusi, ngikhulekela ukuthi Uzombusisa, Nkosi. Futhi ngokuphosa kwakhe izingalo zakhe zivulekile, nenhliziyi yakhe, ukuba imvuselelo iqale, kwangathi imikhuleko yabo ingebe yize, kodwa kwangathi Ungasiphendula kuleliviki ngemvuselelo eshanelayo ezobamba umlilo phansi naphezulu kuloluGu lwaseNtshonalanga, Nkosi.

<sup>49</sup> Futhi abantu bakaNkulunkulu bayaqonda ukuthi njengoba kwakunjalo ngesikhathi sikaHezekeli, amathambo aya emathanjeni nesikhumba phezu kwawo, futhi asukuma, kodwa nokho ayedinga ukuba kuprofethwe kuwo, ukubangela ukuphila ukuba kungene kuwo.

<sup>50</sup> Futhi Baba waseZulwini, singahle sihlele, futhi siqoqele amabandla ndawonye, futhi—futhi sihlanganise izandla zethu, futhi sihambe ithambo nethambo, kodwa nokho kuthatha isiprofetho somoya ozamazamayo ukubuyisela ukuphila kithi futhi. Baba, sikhulekela ukuthi akuzukubakhona kuphela u—umhlangano othatha isikhathi eside, kodwa imvuselelo eyonyakazisa ngempela zonke izinhliziyi, onke amakhaya, onke amabandla, onke amalungu, uMoya oNgcwele uze ube ngobusayo kuyo yonke impilo.

<sup>51</sup> Kusukela kulokho, Nkosi, kuzophuma izisebenzi zingene emakhoneni emigwaqo nasezimpambanweni zemigwaqo, ezingabukeki zinamahloni ebusweni bazo, kodwa njengamasosha angamaqhawe avuthayo, ubuso obunjengoba babunjalo obukaStefanu, ngenkathi, njengendlu isha emoyeni omkhulu, abakwazanga ukummisa, kanjalo neNkantolo yeSanhedrin ayikwazanga ukummisa, kodwa wamemeza kakhulu phezu kwabo, “Abantamo zilukhuni, abangasokile enhliziyweni nasezindlebeni!”

<sup>52</sup> Ngisho nokufa qobo lwakho akuzange kumise uMlayezo wakhe, Wangena kuSawulu waseTarsu, awuzange umshiye kwaze kwathi, uNkulunkulu, Wamshaya ngomlilo futhi wamkhipha, futhi waba ngumphostoli onyakeni wabeZizwe.

<sup>53</sup> Lowomuntu oyedwa, ngenkathi efa, eguqa ngamadolo akhe, futhi ethi, “Ngibona uJesu emi ngakwesokunene sikaNkulunkulu,” loyo obuka kuye!



54 Nkulunkulu, sikhulekela ukuthi Uzothumela uMoya oNgcwele ngamandla okukholekisa anjalo azobeka lokho kubuka kokuzimisela phezu kwazo zonke izinhliziyu naphezu kwabo bonke ubuso obubuthana kulelibandla. Siphe khona, Nkosi, ukuthi kungahle kube nesikhathi sokuhlola umphefumulo, ngokuba siyaqonda ukuthi siphila ehoreni elileyithi, kuleyithi ngokwedlulele kunoma sicabanga. Wathi Uyofika ngehora eningalicabangiyo, ngakho kungahle kube noma ngasiphi isikhathi.

55 Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzongisiza, ngikhuluma emizuzwaneni embalwa edlule, ekushoni abagibeli bamahhashi abane, ukuPhulukisa ngokukaNkulunkulu, noma yini engahle yehle, Nkosi, sivula nje izinhliziyu zethu kuWe, Woza, usebenzelane nathi, Nkosi, njengoba nje sinesidingo. Sika lonke izwe lisuke kithi, Nkosi, thatha iNkemba yaKho ebukhali, esika nhlangothi zombili, iZwi, futhi wehlukhanise imicabango yezinhliziyu zethu nengqondo, futhi usikhumbuze lapho esisilela khona. Futhi kwangathi singeyeke ukukhuleka, size sibone imikhuleko yethu iphendulwa. Siphe khona, Baba.

56 Soka izindebe zami, soka izinhliziyu zabantu, ukuthi ngingakhuluma futhi bengezwa iZwi leNkosi. Sicela lokhu ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni leNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Amen.

57 Ngiyakhuleka iNkosi uJesu, ukuthi imvuselelo izoba khona kusukela kulesisikhathi kuqhubeke, ukuthi wonke umuntu, elambile futhi omile. Manje, lungelani nje, umuntu ngamunye, ningalindi kumakhelwane, akulutho ngomakhelwane, qobo lwethu. Asizile ukudla, asikhuleke, sibize uNkulunkulu, singene ocingweni, sishayele omunye umuntu, sibalethe ngapha, siholele abantwana bethu emkhulekweni, siqoqe amaqembu omndeni wethu, sivule izinhliziyu zethu nje, futhi sithi, “Nkosi, nakhu lapha esikhona.”

58 Manje, ekulungiseleleni inkonzo kusasa ebusuku yenkonzo yokuphulukisa-ke, abafana bazobe sebeqedile ngamakhadi omkhuleko cishe ligamenxe elesithupha, nina enifuna amakhadi omkhuleko, wozani. Futhi akuthi abantu abagulayo basukume ngakimi, phezulu lapha, abaningi benu kade esemihlanganweni, futhi niyazi ukuthi kusebenza kanjani.

59 Benginga...Kungcono kumuntu othize ohlezi lapha onokukholwa okholwayo, ehlezi ngaphambili, kunangemuva lapho, ngoba ngezinye izikhathi lapho ngibabona emuva phakathi lapho, ngi...kunokuningi kakhulu phakathi kwalokho, ngenkathi ku, lapho imigudu, ngikubiza kanjalo, noma—noma, imisebe yokukholwa evela kubantu, kuyadida, nokho, kuhamba kuzo zonke izixuku, nezinkulungwane eziphindwe kazinkulungwane zabantu, kodwa ngingaqoka

ukuthola abantu abagulayo phezulu lapha ngaphambili, ngalapho engikhona.

<sup>60</sup> Manje, kulobubusuku, ngifuna ukukhuluma ngendaba, kuqala, ngifuna ukunifundela ivesi emBhalweni, elitholakala kuLuka oNgcwele isahluko 2, ivesi 26:

*Futhi, bheka, kwakukhona umuntu eJerusalema, igama lakhe linguSimeyoni; . . . lowomuntu wayelungile futhi okholekayo, ebhekile induduzo ka-Israyeli: noMoya oNgcwele wayephezu kwakhe.*

*Kwabonakaliswa kuye nguMoya oNgcwele, ukuthi akayikubona ukufa, aze abone uKristu weNkosi.*

<sup>61</sup> Manje, ngifuna ukuthatha indaba ethi *Ukulindela*. Manje, ngaphambi kokuba ube nokulindela, kufanele kube nokukholwa okuhambisana nalokho kulindela. Futhi mibili kuphela imisuka ezweni elawula izwe, kulobubusuku, lokho ngukwesaba nokukholwa. IRashiya izama ukuthola wonke umuntu ukuba abesabe, futhi sizama ukuthola wonke umuntu ukuba abe nokukholwa kuNkulunkulu, manje, yilowo umehluko. Lowomsuka ombili ulawula zonke izizwe, ulawula bonke abantu, ulawula onke amabandla, ulawula abantu ngamunye, ngukwesaba noma ukukholwa.

<sup>62</sup> Manje, ukwesaba akunabungako benani kukho, akukho noma yini, akunakuphela ngokuphelele, akunjalo, akunanto eyodwa into enhle ngakho. Ukuba bengizodutshulwa ekuseni, bengizodutshulwa, bekuyosiza ngani ukuba nokwesaba na? Bekungangisiza ngani na?

Wena uthi, “Awu, yini enhle ukukholwa obekungakwenzela yona na?”

<sup>63</sup> Ukukholwa bekungangikhulula, kodwa ukwesaba ngeke kungisize nakancane. Uvele nje uzithole usetsenziwe nya, futhi unokwethuka kakhulu kunakuqala lapho sekufika isikhathi sokuba isibhamu sidubule. Ngakho, masibe nokukholwa. Ukukholwa bekungangikhulula, kodwa uma kungangikhululi, ukwesaba bekungangisiza ngani, empeleni na? Hlala nje nokukholwa ngqo, futhi ubambelele kukho. Thatha isithembiso sikaNkulunkulu futhi uhlale noNkulunkulu.

<sup>64</sup> Futhi manje, njengoba siqala ukufunda iZwi nokufundisa iZwi, angisoze ngaphumela ngaphandle kweZwi nganoma yini, futhi khumbulani, ukuthi nifanele nikhholwe yilokhu kuNkulunkulu: ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe. Uzokwenza lokho, uma Engakwenzi, Akasuye uNkulunkulu. U, uNkulunkulu ungongenasiphelo, futhi lapho noma yini ingenasiphelo, kungukuthi, awu, ayikho indlela yokuchaza ukuthi okungenasiphelo kuyini.

<sup>65</sup> Kodwa singabanesiphelo, ngakho-ke singasho noma yini, futhi ngosuku olulandelayo, noma ihora kusukela

ngaleyonkathi, noma imizuzu emihlanu sizofanele sikuguqule, futhi sithi, “O, benginephutha.” Kodwa uNkulunkulu angeke akwenze lokho uma Engongenasiphelo. Ngoba Wenza esaKhe—Wenza esaKhe—esaKhe—esaKhe isithembiso, futhi Akasoze abuyela emuva kuso. Isithembiso saKhe sihlala sisihle ukwedlula konke, isinqumo saKhe sihlala sipheselele. Futhi uma sipheselele, asisoze *saphinde* sapheselela, ngakho kuzofanele njalo kube ngokuqinisileyo. Manje, ngakho-ke uma unokukholwa . . .

<sup>66</sup> Ngangikhuluma no—nodokotela esikhathini esithile esedlule mayelana nesinye seziguli zakhe esasikade siphulukisiwe, wathi, “Ngani, Billy,” ungumngane wami, wathi, “akukho—akukho kungabaza nhlobo,” wathi, “he, umdlavuza wawulapho.” Wathi, “Ngayihlinza indoda, futhi angiwutholanga, wawusemphinjeni wayo.” Futhi wathi, futhi wayengumlamu kudokotela, futhi wathi, “Usuhambile ngokoqobo.”

<sup>67</sup> Nabanye babantu wayephandle endodeni ephethe ihhotela labahamba ngezimoto, ngenkathi sasinomhlangano, wayetshela wonke umuntu ngakho, nokuthi ukukholwa kwakwenza kanjani, wathi, “Yebo, Billy, ngiyakukholwa lokho.” Wathi, “Manje, ukuba nokukholwa,” wathi, “manje, ngikholwa ukuthi ukuba wayephumile futhi wathinta isihlahla futhi wathi wayenokukholwa e . . .”

Ngathi, “Qhabo, lokho ngeke kusebenze.”

Wathi, “Ukuba wayenokukholwa.”

Ngathi, “Akanandawo yokukholwa.”

<sup>68</sup> Ukuthinta isihlahla unokukholwa, leyo yinkoleloze, ufanele ube nendawo yokukholwa. “Nokukholwa kuvela ngokuzwa, ukuzwa iZwi likaNkulunkulu.” Manje, ngaphambi . . . Uma nje ukuthatha njenganoma yimuphi umbiko wephephandaba, noma okuthize, ngani, ungeke waba nokukholwa kulokho, bayokwenza amaphutha ngoba bangabantu, kodwa leliBhayibheli lingeke lenze iphutha, Lifanele liphelele ngoba LiyiZwi likaNkulunkulu.

<sup>69</sup> Futhi uNkulunkulu akangcono kuneZwi laKhe, noma awungcono kunezwi lakho, angingcono kunezwi lami. Ngakho, ngakho-ke lapho iBhayibheli lisho noma yini, khumbulani, kuxazululwe ingunaphakade.

<sup>70</sup> Futhi uma uNkulunkulu eke wabizelwa enkundleni ukuba enze isinqumo entweni ethize, nesinqumo Asenza ngenkathi Ebizelwa enkundleni ngento efanayo futhi, isinqumo saKhe sizofanele sihlale siyindlela efanayo. Angeke asiguqule ngokukodwa, ethi, “Awu, ngakwenza kulona, futhi, kodwa angeke ngikwenzele lona.” Manje, uma Ekwenza lokho, khona-ke Wenza isinqumo esingalungile ngenkathi Esenza okokuqala. Ngakho, Wenze iZwi laKhe ukuze “Uma ningakholwa . . .”

<sup>71</sup> Ngenkathi yena, umuntu eMcela intethelelo ngezono zakhe, noNkulunkulu wathethelela leyondoda ezonweni zayo, uma uza, kumbe noma ubani othanda ukuza phezu kwalezozisekelo ezifanayo zokucela intethelelo ngokuzithoba, esekelwe phezu kokukholwa, uNkulunkulu ubophezelekile ukwenza into efanayo Ayenzela leyondoda okokuqala.

<sup>72</sup> Futhi uma umuntu eke agule futhi abize uNkulunkulu, futhi uma uNkulunkulu eke waphulukisa umuntu oyedwa, ake waphulukisa umuntu oyedwa, nezinkundla ezifanayo Aletha kuzo lowomuntu ukuba aphulukiswe, uma Eke wabizwa futhi, Uzofanele ahlale nesinqumo esifanayo. Uma Engakwenzanga, Wenza iphutha, bese kuthi-ke uma Wenza iphutha, Akasuye ongenasiphelo, futhi uma E—uma Engesuye ongenasiphelo, khona-ke Akasuye uNkulunkulu.

<sup>73</sup> Niyabo, ufanele ubuye ngqo ukuze wazi ukuthi leliZwi liyiqiniso. Manje, yilokho impela okunginika ukuma kwami okunesibindi kuKristu, ngoba ngikholwa ukuthi iZwi liyiqiniso. Lingeke nje lehluleka, Lingeke lehluleka ukwedlula uNkulunkulu, ngoba LinguNkulunkulu, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, wakha phakathi kwethu.”

<sup>74</sup> AmaHeberu 4 asitshela ukuthi iZwi likaNkulunkulu linamandla, libukhali kakhulu kunenkemba esika nhlangothi zombili, lisika macala omabili lingene lahlukhanise nasemnkantsheni wethambo, futhi laHlulela ngisho imicabango nezizindlo zenhliziyi. Ngenkathi uJesu ebuka izethameli futhi wawubona umcabango wazo, kwawuyini na? WayeyiZwi, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu.” Awu, babefanele bakwazi, ukuthi WayeyiZwi likaNkulunkulu elibonakalisiwe. Manje, leloZwi likaNkulunkulu elikhulunywe elifanayo, uMoya oNgewele, ungenza noma yisiphi isithembiso sikaNkulunkulu sibonakalisiwe, uma nje uzokukholwa.

<sup>75</sup> Manje, ukulindela, kufanele kwakhelwe phezu kwento ethize enokukholwa emva kwakho, ngoba uma ulindele okuthile yingoba kukhona okuthenjisiwe noma ngandlela thize kanjalo. Ngakho uma ufuna ukuba nokulindela kwangempela kufanele kwakhelwe phezu kuka ISHO KANJE INKOSI.

Bukani uNowa, kwaku...ngezinye izikhathi uNkulunkulu wakucela ukuba wenze izinto eziyinhlekisa ekucabangeni kwakho uqobo kobuntu.

<sup>76</sup> Manje, khumbula, uma uzongena kulemvuselelo uzama ukucabanga okuthize, ungavele nje ungene ngaphandle kwasekuqaleni nje, ngoba ungenke ukwenze. Khumbulani, uNkulunkulu akamazi umuntu nge, noma umuntu akamazi uNkulunkulu, njalo, ngekhandla lakhe, uMazi ngenhliziyi

yakhe. Ensimini yase-Edene, indoda yahlukaniswa phakathi kukaNkulunkulu noSathane; USathane wathatha ikhanda layo, uNkulunkulu wathatha inhliziyi yayo.

<sup>77</sup> Ngobuhlakani bayo, izama ukuzindla ngezinto, kodwa ngokukholwa enhliziyweni yayo, ngoNkulunkulu, kuzoyenza ikholwe yizinto ukuzindla okungeke ngisho kuqinisekise, “Ngokuba kungukuqiniseka ngezinto ezithenjwayo, kuyiqiniso ngezinto ezingabonwayo.” Niyabo, kungukuthi ufanele akholwe iZwi likaNkulunkulu. O, mfowethu, uma nje ungakwehlisa kahle lokho futhi kuzike enhliziyweni yakho, bekungenza wonke udeveli agxume futhi ahambe, khona manje. Niyabo? Ukwazi! Ku—kuyakwenza.

<sup>78</sup> Manje, ngi—ngi—ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani, ngibe nakho, lona iminyaka engamashumi amathathu nanye enkonzweni kimi, futhi ngi—ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Futhi angikaze, ngobuqotho, kuyo yonke impilo yami, ngike ngicele uNkulunkulu noma yini, naleliBhayibheli livuliwe, ngaphandle uma Enginika khona, noma engitshele ukuthi kungani Ebengeke akwenze. Futhi kunjalo. Isizathu kukhona ngezinye izikhathi Angeke anginike khona, ngoba ngicabanga ukuthi ngiyakufuna, futhi Wazi kangcono, kodwa Ubehlala njalo efika futhi angitshele ukuthi kungani. Futhi ngakho ngi—ngiyazi ukuthi lokho kuyiqiniso. Ngakho, uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe, ungethembela nje kulokho.

<sup>79</sup> Manje, ngenkathi uNowa ecelwa ukuba akhe umkhumbi nguNkulunkulu, kungani ahamba ngokwesaba, azi... Ubungacabangela nje ukuthi abagxeki babethini na? UNowa wayebheke ukuba line, ngoba uNkulunkulu wathi lalizokuna. Manje, lalingakaze line emhlabeni, ubungathini nje abagxeki bethi, “O, buka, ompofu, umfo omdala uthi ukusangana kancane ekhanda lakhe.” Kodwa wathi... “Iphi leyomvula kuNowa na? Ngitshele ukuthi ikuphi, angiboni lutho olwayo phezulu lapho, a—akukho mvula evela phezulu lapho, ayikaze ibe khona, ayisoze yaba khona.”

<sup>80</sup> Kodwa uNowa wathi, “UNkulunkulu washo njalo, lokho kuyakuxazulula. Uma uNkulunkulu asho njalo, Angadala imvula phezulu lapho uma Wayefuna.” Ngakho, wayelindele ukuthi ine, ngakho wenza amalungiselelo emvula.

<sup>81</sup> O, ngiyakuthanda lokho. O, yenza amalungiselelo inqobo nje lapho uzwa iZwi likaNkulunkulu, bese-ke wenza amalungiselelo okuba kwenzekile, futhi ulinde ngaphansi kokulindela. O, lokho kungenza ngiqale ukuzizwa nginokukholwa kwasekuqaleni nje. Niyabo? Ukucabanga ukuthi uNkulunkulu washo njalo, bese-ke wenza, ukulindele.

<sup>82</sup> Manje, uma uNkulunkulu ethembise imvuselelo lapha, sizoba nayo, asiylungiselele. Uma uNkulunkulu ethembise ukuphulukisa, asikulungiselele. UJesu wathi, “Imisebenzi

engiyenzayo Mina, nani niyakuyenza,” asikulungiselele, sikhophe yonke into, silungele. Sisesikhathini ngqo. Ngakho nje. . .

Manje, kuzobonakala kungubuwula. Manje, wena uthi, “Awu, kuzokwenzeka kanjani usukwini olunjengalolu, futhi lapho konke lokhu. . .?”

<sup>83</sup> Angikhathali ukuthi noma yini ephambene nalokho, a—akulungile. Asikwazi ukukubona, angiboni themba lakho, kubukeka kanjalo, kodwa uma uNkulunkulu esho njalo, asikwenze noma kanjani, ngoba uNkulunkulu ushilo kanjalo. Kuzokwenzeka noma kanjani, ngi—ngikubhekile.

<sup>84</sup> Ngikhulwa ukuthi uJesu uyeza. Isayense iyafakazisa ukuthi bangathatha impova encane *entweni ethize-enye*, nokusanjimbiliza okuthize, futhi bafake into ethize kuyo, nokunye nokunye kanje, futhi bangenza cishe impela ukuphila komuntu, basho njalo. O, bahlakaniphe kakhulu bangakwazi, banesiputniki phezulu esibhakabhakeni, nenhliziyo yomuntu ishaya kuso, lokho akungikhathazi nakancane.

<sup>85</sup> Bathi, “O, ngolunye lwalezizinsuku uzothola ukuthi yonke inkolo okhuluma ngayo ingukuhlanya.”

<sup>86</sup> Qhabo, angeke, uJesu uzoba lapha, sizoba nesikhathi seminyaka eyiNkulungwane, sizoya eKhaya eNkazimulweni, ngikubhekile, ngakho—ke ngiyakulungiselela, ngikulindile, nsuku zonke ngilungele. “Uzofika nini na?” Angazi, kodwa uma Engekho lapha namhlanje, ngizobe ngibuka kusasa. Ngikubhekile, ngoba nje Washo njalo, futhi ngiphila nsuku zonke ngaphansi kwalokho kulindela. Kunjalo. Sifanele sibe nokulindela, impela.

<sup>87</sup> UNowa, e, u—Abrahama, ngani, ngenkathi ezwa iZwi likaNkulunkulu, futhi wehlela ezweni laseKaledi emzini wase—Uri, ehla evela eShinari, mhlampe, ephuma mhlawumbe emndenini wabahedeni ehla lapho ngakho konke engikwaziyo, kodwa ngolunye usuku, sithi wayengumlimi phandle epulazini, noNkulunkulu wakhuluma kuye, wayeneminyaka engamashumi ayisikhombisa—nanhlanu ubudala, umkakhe wayenamashumi ayisithupha—nanhlanu, futhi Wathi, “Abrahama, uzoba nengane ngomkakho, uSara,” awu, waphuma futhi wathola onke amalungiselelo enziwe. Ngani na? Wayekulindele. Wayelindele ingane ifike, noma ngasiphi isikhathi.

“Kuzoba yizinsuku ezingamashumi amabili nesishiyagalombili ezilandelayo, uyokwazi ngakho na?”

“Angazi. Uma kungenjalo, mhlawumbe amashumi amabili nesishiyagalombili alandelayo.”

<sup>88</sup> Okokuqala nje, sengiyabona nje, wathi kuSara, “Uzizwa unjani, S’thandwa na?” emva kokuba inyanga yokuqala isidlulile.

“Akukho-mehluko.”

<sup>89</sup> “Makabongwe uNkulunkulu, sizoba nayo, noma kanjani. Qhubeka wenze amabhuzu amancane, futhi ulungise ibhantshi elincane, thola yonke ingubo enezimbali nophini, ngoba sizoba nayo. Kunjalo. Ngiyilindele. Kunjalo. Kufake esifubeni sakho sethemba, zilungiselele ngoba iyeza.”

Unyaka wedlula, “Ukhona umehluko, S’thandwa na?”

“Lutho nakancane.”

“Sizoba nayo, noma kanjani. Ngiyilindele.”

<sup>90</sup> UNkulunkulu wathi, “Zahlukanise nezihlobo zakho.” Yilokho ofanele ukwenze izikhathi eziningi, uzehlukane nenqwaba yokungakholwa. Futhi khumbulani, u-Abraham waze wamlalela ngokugcwele uNkulunkulu, isibusiso asizange sifike, waze wamlalela ngokugcwele uNkulunkulu. Wahamba noyise, futhi wabangela inkathazo, kwase kuthi-ke uLoti ekugcineni wabangela inkathazo, nomalusi, futhi khona-ke kwathi nje angahlukana nayo yonke into, njengoNkulunkulu . . . walalela ngokugcwele, lapho esefika ekulaleleni okugcwele, khona-ke uNkulunkulu waletha isibusiso.

<sup>91</sup> Manje, ibandla lePentecostal belilindele u—ukuvakashela eZweni eliThenjisiwe kukho konke ukubuyiselwa kweziphwiwo nezinto. Kodwa kwathi nje lapho liqala ukukhuluma ngezilimi nokuhumusha, khona-ke baqala ukuhlela, benza izinhlango ezehlukene, bezehlukane bona uqobo, nezinto ezinjalo, ulwa cishe iminyaka engamashumi amane, uzoqhubeka nje nokulwa inqobo nje lapho wenza lokho.

<sup>92</sup> Kodwa lapho nibuthana ndawonye, njengoba benza ngoSuku lwePhentekoste, nihlangane, bese-ke nilindele uNkulunkulu ukuba enze okuthize. “Uma abantu ababizwa ngeGama laMi beyobuthana ndawonye futhi bakhuleke, khona-ke Ngiyakuzwa ngiseZulwini.” Manje, uma sizokwenza lokho, singalindelela into ethize, size senze lokho, singahle singakulindeli, ngoba akuzi. Sifanele simlalele ngokugcwele uNkulunkulu.

<sup>93</sup> Ufanele ufike endaweni lapho i—i-Assemblies of God, neChurch of God, neFoursquare Church of God, ne-Oneness, neTwoness, neThreeness, neFiveness, nazo zonke ezinye *izimfundiso ezigqamileyo* ezincane enichezukele kuzo, niyokhohlwa imehluko yenu, futhi nihlangane ndawonye futhi nikhuleke, khona-ke ngiyolindele ukuzwa okuthile okuvela eZulwini.

Wena . . . O, bathi “Awu, bazokwenza *lokhu*.”

<sup>94</sup> Awu, ngolunye usuku inhlango ethize, ngenkathi ngiseBeaumont, eTexas, ngoba ngangihlezi emsamo, ngivela (Elinye ibandla langixhasa.) cishe amabandla angamashumi amane nambili, futhi bonke babengabantu abakahle, negosa

lesigodi langibiza, lase lithi, “Ngidweba umugqa, kusukela kulokhu kuqhubeke, Mnu. Branham, ngiyakudwebela ngikukhiphe, ubunendoda ehlezi emsamo eyabhaphathizwa ngokungesikho.”

<sup>95</sup> Awu, ngathi, “Ngizokwenza into ethize ehlukile kulokho, ngizodweba omunye umugqa, ngikungenise. Uyangikhipha kowodwa, ngizodweba omunye, ngikubuyisele emuva.” Kunjalo.

<sup>96</sup> Ngakho yilokho okuyikho, sendlala amathende ethu, phandle le ngaleya, sithole wonke umfowethu, yebo, mnumzane, yilokho esifanele sikwenze. Bese kuthi-ke lapho senza lokho, singalindela uNkulunkulu ukuba aphenhule, kodwa size senze lokho, Akayikuphendula, ngoba sifanele sizehlukhanise nezinto zezwe.

<sup>97</sup> Futhi inqobo nje uma ibandla lePentecostal lilokhu likhanukela izinto zezwe, *nalokhu, lokho, nokunye*, futhi, o, usungamane nje uyeke. Uze ubuyele eVangelini langempela futhi, ubuyele eZwini likaNkulunkulu, ubuyele ku-ISHO KANJE INKOSI, asisoze saphumelela size senze lokho, uNkulunkulu angeke ezwe, size silalele uNkulunkulu ngokugcwele. Yebo, mnumzane.

<sup>98</sup> Ngenkathi u-Abrahama emlalela ngokugcwele uNkulunkulu, khona-ke wazi ukuthi ngenkathi esekwenzile ngokugcwele, khona-ke khona manjalo iziNgelosi ezintathu ziyenyuka, futhi zamemezela ukuzalwa kwengane, futhi iyafika. Kodwa u-Abrahama akazange aphele amandla, waqhubeka nje eyilindele, wayelokhu eyilindele, futhi ekugcineni wazifaka wonke entandweni yeNkosi, kwase-ke kwenzeka, kodwa aze enze lokho, nje ngeke kwenzeka.

<sup>99</sup> UMose, kwenza abantu baziphathe ngokuhlekisayo lapho be—lapho bezwa kuNkulunkulu ngezinye izikhathi. UMose wayengusiyazi wezenkolo omkhulu, wafundiswa kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe, ngani, impela, kwakungekho lutho uMose ayengakwazi.

<sup>100</sup> Manje, angazi noma emuva lapho iminyaka engamashumi amane ogwadule, futhi elusa izimvu, ukuba-ke wayecabangile, “Ngikholwa ukuthi ngizobuyela ezansi eGibhithe futhi—futhi ngigqoke ezami, o, mhlawumbe izibalo zami kancanyana,” ngani, wayazi kakhulu ukuthi wayengafundisa othisha, wayengadingi-mfundo, wayengadingekile ukuba afundiswe lutho, ngokuba wayekwazi konke, kodwa wayeyisehluleki ngakho konke ayekwazi.

<sup>101</sup> Manje, ngiyakholelwa ezikoleni zeBhayibheli, ngikholwa ukuthi sifanele sikwenze lokho, sifanele sibe nezikole zeBhayibheli. Umfana wami usanda kuphuma eWaxahachie, nginentombazane elungiselela ukungena lapho, iWaxahachie Assembly of God School, eWaxahachie, eTexas. Ngiyakholelwa kulokho, kodwa, mfowethu, lapho sifika ekufundiseni e, izikole



zethu namakhholiji, indlela eyiyo nje yokukhuluma, kanjalonjalo, nakho konke, imfundo, kanjalonjalo, esikudingayo, namhlanje, emakhholiji nakho konke, ngukubuyela kuNkulunkulu, ukubuyela kuNkulunkulu; hhayi izinhlelo zethu zemfundo, kodwa uhlelo lwethu lwensindiso.

“Hambani niye ezweni lonke, futhi nenze amakhholiji”?

Qhabo, mnumzane.

“Hambani, ezweni lonke, nakhe amabandla”?

Qhabo, mnumzane. Konke kulungile.

“Hambani, futhi nakhe izibhedlela”?

<sup>102</sup> Qhabo, mnumzane, lokho kwakungesikho lokho iBandla elathunywa ukuba likwenze, amabandla akha izibhedlela, amabandla akha izikole, amabandla akha izakhiwo, kodwa lapha kwakungumyalo: “Hambani niye ezweni lonke, nishumayeke iVangeli.”

<sup>103</sup> Yini iVangeli na? Hhayi nje iZwi kuphela, uPawulu washo, kodwa ukubonakaliswa kweZwi, “iVangeli alifikanga kithi ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla, nangezibonakaliso zikaMoya oNgcwele.” Ngamany’amazwi, “Hambani niye ezweni lonke, futhi nibonakalise amandla okuvuka. Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhohwayo.” Ukufundisa iZwi nje ngeke kukwenze, ufanele ube namandla kaMoya oNgcwele emva kwaleloZwi ukuLenza lize ekuPhileni futhi. Amen. Liyofika ekuPhileni.

Wena uthi, “O, Mfowethu Branham, lokho kwakuyiminyaka eyizinkulungwane ezimbili edlule.”

<sup>104</sup> Kulungile, mgxeki, ngifuna ukukuvala umlomo, khona manje. Niyabo? Lapha esikhathini esingeside esedlule, njengoba ubuka kwiphephabhuku i*Life*, bangena ezinqolobaneni ezinkulu zaseGibhithe futhi bakhapha omunye walowokolo uJosefa awufaka lapho, bawutshala emhlabathini, futhi wamila. Babene (Kwakuyini na?) imbewu kabhekilanga, noma okuthize, eminyakeni eyizinkulungwane ezine eyedlula, ephuma e—ephuma ethuneni elidala lika King Tut, imbewu kabhekilanga, futhi bayitshala, noNkulunkulu wayekugcinile lokho kuphila. Ngokoqobo.

<sup>105</sup> “Noma izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu.” IZwi likaNkulunkulu alisoze labhujiswa. IZwi likaNkulunkulu, uma uzoLitshala ohlobweni olufanele lwezimo eZwini likaNkulunkulu, Liyokwenza into efanayo Elayenzayo ekuqaleni. Kunjalo, lokho kuqinisile.

<sup>106</sup> Esikhathini esithile esedlule ngangihlezi ezansi eKentucky, ngizingela izingwejeje. Awu, ngi—ngi, yilokho engikwenzayo ukuze ngiphumule, ngi—ngiyazingela, ngidubule okuhlosiweyo nezinto, ngigcwele izibhamu, lokho nje kungumsebenzi

wokuzilibazisa. Futhi nganginesibhamu esikhulu iModel 75 Winchester encane, emayadini angamashumi amahlanu, ngama ondini ngase ngishayela izipikili zikakhaphethi eziyisishiyagalolunye eziqondile ngaso, ngqo ephepheni.

<sup>107</sup> Futhi khona-ke, into yokuqala niyazi, lapho ngidubula ingwejeje, ngangifanele ngibone amakhona omane eso layo. Uma ingibuka, bengingeke ngiyidubule, ukuba ibifulathele, bengingeke ngiyidubule, ibifanele ihlale kahle. Amayadi angamashumi amathathu, ngangiyoyishiya, amayadi angamashumi amabili, yayifanele ibe ngamayadi angamashumi amahlanu. Lokho yingoba nje ngenela ngaleyondlela.

<sup>108</sup> Ngoluny'usuku lesosibhamu esikhulu esincane saphuma, futhi angikwazanga nje ukusenza singene nhlobo, ngasikhuhla, futhi ngenze konke ebengingakwenza, futhi ngaqinisa, ngaxegisa. Izinkulungwane ezinhlanu nje zokungqangqazela *lapha* kuzokubeka uhhafu we-intshi emayadini ayikhulu. Ngakho, niyabo, u . . . Kunengxenywe ethize eqinile, enye exegayo, ufanele ube nayo *kahle*.

<sup>109</sup> Ngakho ngasithumela emuva eNkampanini yakwaWinchester, futhi nginencwadi iletha ekhaya manje, bathi, “Mfundisi Branham, akukho lutho olungalungile ngalesosibhamu esikhulu.” Bathi, “Lesosibhamu esikhulu sizoshaya iqoqo i-intshi emayadini angamashumi amabili nanhlanu, futhi iModel 75 ngeke sishaye iqoqo kangcono.” Bathi, “Akusiso isibhamu sokushaya okuhlosiwe kwasekuqaleni nje.” Bathi, “Sinesikulufu somlenze esisodwa kuphela esisibambe ndawonye, ngakho-ke ufanele uthole ukungqangqazela kuso.”

<sup>110</sup> Manje, leyo kwakuyindoda eyakhiqiza futhi yenza isibhamu, iNkampani yakwaWinchester, ubufakazi obubonakalayo, indoda eyachitha isikhathi sayo sokuphila, nonjiniyela, ukwenza isibhamu, bathi, “Akuzukushaya iqoqo kangcono kuneyintshi elilodwa emayadini angamashumi amabili nanhlanu.” Futhi ngangikade ngishayela izipikilana emayadi angamashumi amahlanu ngaso.

<sup>111</sup> Manje, ngahlala phansi ngaphansi kwesihlahla ngoluny'usuku, futhi nje ngikhala. Kukhona uMfowethu Wood nabangani bami abathi ababe babili enhla lapho bedubula izingwejeje, ngangingakhathali ukuthi babeyishaya kuphi, bavele bashaya sasuka nje, futhi noma yikuphi esiyishaya khona kulungile, kimi, ngacabanga ukuthi ngingahle ngisehlisele phansi esihlathini sayo, ngiyishaye kancane emva kwezindlebe, noma okuthize, lokho bekungeke kulunge, kwakufanele sishaye esweni, kwakungalungile.

<sup>112</sup> Futhi ngacabanga, “Awu manje, akwenzi mehluko ukuthi iNkampani yakwaWinchester ithini, ngiyazi ukuthi sizokwenza ngoba ngisibonile sikwenza.”

113 Futhi ngangihlezi lapho ngokunye ukusa ngaphansi kwesihlahla esidadlana, esigwegwile, ngikhala, nga—ngaba nokwethuka kakhulu ngaqala ukukhala, ngathi, “Nkosi, ngilapha ngiqhelile ezinkonzweni, phandle lapha emahlathini ngizama ukuziphumuza. Nento encane endala enokwethuka njengami, kungani Uke wazama ukungithumela phandle emhlanganweni, empeleni na? Ngiyisehluleki kwasekuqaleni, futhi kungani Uke wathumela umuntu onjengami na? Kubukeka sengathi Ubuzothola indoda ebiyindoda, umuntu oqinile futhi othule.” Futhi ngaqhubeka nje ngihlezi lapho ngikhala, futhi ngikhuluma neNkosi, izandla zombili ziphakeme, nezinyembezi zithululeka ezihlathini zami.

114 Ngezwa iPhimbo, lokho kuKhanya ehlathini, Wayesethi, “Ngakwenzela i, ngaleyondlela ngenhloso. Manje, niyazi, ukuthi lokho . . . ungeke weneliseka kuze kube yilesosibhamu esikhulu, akunandaba ukuthi noma ubani uthini, uyazi ukuthi sishayela isipikilana, niyabo, emayadini angamashumi amahlanu.” Wayesethi-ke, “Yingalesosizathu Ngikwenze kanje, ngoba akwenzi mehluko ukuthi noma ubani uthini.” Niyabo?

115 “Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa ngumbhaphathizo kaMoya oNgewe.”

116 Lalelani, kukhona, ngoba ngiyazi ukuthi kunjalo. Labobaphostoli bathathe lowoMoya oNgewe ofanayo, babona imibono, ba—bavusa abafileyo, baphulukisa abagulayo, benze izimangaliso ezinkulu, nezibonakaliso, nezimanga. Futhi uma nje sizokuthola kuqonde ngqo phakathi, ungeke uthi, “O, ngalolosuku . . . Lelobandla lisho *ngalendlela*. Nebandla lami lalingelidala kunawo onke, *nalokhu kwakuyilokho*,” lokho akuwenzi umqondo kimi, kungukuthi uma basenza sashayela isipikilana, siyophinde sisishaye futhi.

117 Uma babeveze imvuselelo ezamazamisa umhlaba ngamandla, nezithembiso zikaNkulunkulu, sizokwenza into efanayo uma sizokwemukela isithembiso, futhi sisilindele ukuba senzeke. Kodwa ufanele ukukholwe, ungeke nje ukukholwe uhhafu.

118 Futhi niyazi ukuthini? Ngenkathi ngisukuma phansi kwalesosihlahla emva kokuba Esekhulumile kimi, futhi saphumela lapho futhi asikaze sithinte lesosibhamu esikhulu nakanye, futhi *nakhu* kuhlezi umfana esiphinde sihlohle ndawonye, lesosibhamu esikhulu besilokhu sishayela njalo lezipikilana emayadini angamashumi amahlanu selokhu kwasukela lapho, kunjalo, asikaze sikuthinte. Niyabo, Wayezama ukwenza okuthile kimi, ukungikhombisa ukuthi ngiziphathe kanjani ezikhathini eziqinile nezinto abazishoyo, “O, Mfowethu Branham . . .”

119 Umfo wathi kimi kungekudala, wathi, “Uma uzoza futhi ujoyine inhlangano yethu, sizokwenza *ukuthi-nokuthi*, uma nje

uzoxegisa kokumbalwa . . .”

<sup>120</sup> Ngathi, “Ukuxegisa na? Ukuxegisa na?” Ngathi, “Ngiyamangala ukuthi indoda kaNkulunkulu, njengoba unjalo, eneziqu zobudokotela, iyocela inceku kaNkulunkulu ukuba ixegise eZwini likaNkulunkulu.” Ngathi, “Lokho akuhlali egazini lami.” Qhabo, mnumzane, ngizohlala ngiqonde ngqo kuLo.

<sup>121</sup> Ngiyakholelwa kuMoya oNgcwele nasemandleni kaMoya oNgcwele. Ngiyakholelwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi ngiphansi kokulindela ukuthi Uzovusa iBandla ukuba lihambe lihlangabezane naYe ngamandla afanayo eLalinawo ekuqaleni. Impela, uma sizokulindela, sibe nokukholwa kuNkulunkulu, futhi sikholelwa ukuthi Uzokwenza. Ukulindela.

<sup>122</sup> UMose, nayo yonke isayense yakhe yezenkolo, akazange afike ndawo, wayephandle lapho, igwala, egijima emva kwezintaba, ogwadule elusa izimvu zikamukhwe wakhe, kodwa ngoluny’usuku wahlangana noNkulunkulu, wayesethola-ke isehlakalo noNkulunkulu, futhi wayehlala eGibhithe ukuyodla iGibhithe.

<sup>123</sup> Manje, kungahle kubukeke kungubuwula ngempela endodeni endala ene, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, nobuhwanqa bulenga le phansi *kanje*, nelakhe, mhlawumbe, ikhanda lakhe elinempandla licwebezela libomvu elangeni, nentshebe igcwele kuye, futhi wayenenduku egwegwile esandleni sakhe, nomkakhe ehlezi phezu komnyuzi, nenganyana encane ihlezi enqulwini yakhe, ehla.

Wathi, “Uyaphi Mose na?”

“Ngehlala eGibhithe ukuyolidla, ngiyothatha isizwe.”

<sup>124</sup> Niyazi, lapho uthatha uNkulunkulu esithembisweni saKhe kukwenza uziphathe ngobuwula ezintweni zezwe. Manje, ukuhlasela kwendoda eyodwa, yehla ukuyothatha isizwe esikhulu njengoba iRashiya injalo namhlanje. Impela, ehla, nento, wa—walidla, wakwenza.

<sup>125</sup> Wabulala indoda eyodwa ezansi lapho futhi wangena enkathazweni, wabuyela phansi, wabulala sonke isizwe futhi wakhazimuliswa yikho. Niyabo? Yilokho-ke. Wayengumbulali ngokubulala oyedwa, bese—bese-ke eba ngongcwele ngokuthatha sonke isigejane. Kodwa ngesinye isikhathi wehla nokulindela ukwazi ukuthi uNkulunkulu wama ngaseZwini laKhe. Amen. Wayekulindele.

“Uzokwenza kanjani, Mose na?”

“Angazi, kodwa ngi . . .Ngiyazi ukuthi Uzokwenza. UNkulunkulu washo njalo, lokho kunakho, yilokho kuphela.”

“Uzoletha abantu abayizigidi ezimbili nengxenye phandle lapha kulolugwadule futhi ubaphakele na? Uzobaphakela kanjani na?”

“Angazi, ngilindele ukuthi uNkulunkulu enze okuthize ngakho.” Wakwenza, yilokho kuphela. Wayelindele okuthile.

<sup>126</sup> Inkathazo yakho, siya ebandleni futhi sicule ihubo, nomelusi ukhuluma ngezimbali namaflawa, futhi sibuyela ekhaya. O, he! Yingalesosizathu singafinyeleli ndawo. Yileyo indaba ngamabandla ethu ePentecostal. Lokho yi . . . A—angikaze ngize lapha ukuzonimbambatha emhlane, ngiza lapha, nginitshela iqiniso. Niyabo?

<sup>127</sup> O, ibandla lePentecostal lihambile laqhubekela ekudlangeni kwesakhiwo, lihambile laqhubekela ekudlangeni kwehlelo, sekhambe yonke indawo, futhi kwasika futhi kwahlukanisa, futhi kwakhipha, futhi kwahlukanisa, futhi kwahlukanisa. Futhi o, kuzoba ne . . . “*Lena* izoba enkulu kunazo zonke.” Futhi, “*Lokho* kuzoba okukhulu kunakho konke.” Inqobo nje uma wenza lokho, awusoze, awuyindawo, khumbula, ngiyakutshela eGameni leNkosi.

<sup>128</sup> Kodwa lapho nizobuthana, o, he, yilokho-ke, lapho nilalela uNkulunkulu ngokugcwele, “Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye.” Lapho ukhipha ingxenye yesayense yezenkolo futhi uthole uthando oluncane phakathi lapho, luyokwenza imisebenzi, nezimanga, ne—nezimangaliso, kodwa sifanele sibe nalokho. Okukabani na? Okwawo wonke umuntu.

<sup>129</sup> “O, ngalesosigejane esidadlana sama-Assemblies of God, noma lesosigejane esidadlana seChurch of God, noma i-Oneness endala, noma iThreeness, noma iFiveness, noma ngabe banani na? Mina ngibathande na? Bengingeke ngabathanda, bangumphikukristu.” Ulahlekile wena uqobo, mfowethu, lapho ucabanga lokho, kunjalo, awulungisene noNkulunkulu.

<sup>130</sup> Uma ungeke uphakamise isandla esitheni esibaba kunazo zonke onaso, futhi uzame ukusizuzela kuKristu, khona-ke uMoya kaKristu awukho kuwe. “Ngokuba Uza kwabaKhe uQobo, nabaKhe uQobo abaMemukelanga,” nokho Wanikela ngokuphila kwaKhe ngenxa yesitha saKhe, Wakwenza. Kuyiqiniso kanjani!

<sup>131</sup> NalowoMoya kaNkulunkulu kuwe ukwenza uzizwe ngendlela efanayo ngawo wonke umuntu. Lapho ufika endaweni . . . Manje, ungeke nje wakwenza, udeveli uyazi ukuthi uyazenzisa noma qha.

<sup>132</sup> Sengiyambona lowomntwana onesithuthwane phandle lapho ngolunye usuku, noJesu izinsuku eziyishumi ngaphambi kwalapho ubanika amandla okukhipha amademoni, futhi—futhi avuse abafileyo, futhi aphulukise abagulayo, futhi enze zonke izinhlobo zezimangaliso. Babehamba kahle impela, bayabuya,

base bethi, “Ngisho udeveli uyasithobela,” benesikhathi esimnandi. Ezinsukwini ezimbalwa emva kwalokho, lapha bonke babebakaza.

<sup>133</sup> Bahlangana nendoda ezansi lapho, niyazi, eyayingenzi, yayingeke ize ijoyine inhlango yabo yomphakathi, ngakho bayenqabela ngisho nokukhipha amademoni. Niyakubona ukubaba kungena na? Niyabo? “O, siyamenqabela, qha, ubengeke ajoyine inhlango yethu, ngakho samtshela, ukuba angakwenzi.”

<sup>134</sup> UJesu wathi, “Ningakwenzi lokho, akekho umuntu ongenza isimangaliso eGameni laMi, ongakhuluma kalula ngaMi. Futhi labo kabamelene naMi. . . bona ongakiMi, akaphambene naMi.”

<sup>135</sup> Ngakho siyathola-ke, kulolohlobo lwesimo sokuziphatha, babenomfana onesithuthwane ezansi lapho, emkhalela nje, futhi ekhuleka, futhi egqishazela, futhi—futhi sengiyabona omunye wabo ekhuphuka, futhi ethi, “Nansi indlela engikwenze ngayo laphaya, nina bafowethu hlehlani, nonke anazi ukuthi kwenziwa kanjani, nansi indlela okwenza ngayo.” Iyembe elihlohliwe, niyazi, “Haleluya! Udumo kuNkulunkulu!” Mnyakazise, uthele amafutha amancane phezu kwakhe, umnyakazise futhi. “Yileyindlela engikwenze ngayo.” E-hhe. Kodwa akusebenzanga ngaleso sikhathi, yileyo indaba namhlanje, yilokho. . . akusebenzi kahle kangako. Niyabo?

<sup>136</sup> Kodwa emva kwesikhashana, Othile uyeza ehla, ngokuthula. O, ubaba wagijimela kuYe wayesethi, “Nkosi, hawukela umntanami. Ukhathazwa yidemoni ngokunhlobonhlobo.”

<sup>137</sup> Futhi ngenkathi uJesu ekhipha umoya omubi kuye, khona-ke abafundi bayafika, futhi bathi, “Kungani singakwazanga ukukwenza na? Bekuyini indaba ngathi na?”

<sup>138</sup> Akazange athi, “Ngawathatha ngawabuyisa amandla aMi.” Wathi, “Kungenxa yokungakhulwa kwenu ukuba nisebenze amandla eNgininike wona ukuba nisebenze ngawo.” Yileyo indaba ngebandla namhlanje, lehlisiwe, line. . . a—alilindele lutho, lihlezi lapho nje, liyethile futhi lifile. Esikudingayo ukuba sibe nokulindela.

<sup>139</sup> USimeyoni, lo ongewele omkhulu omdala kaNkulunkulu, wayeyindoda enedumela elikhulu.

<sup>140</sup> O, namhlanje bazofanele bathi, “Kodwa awume kancane, mnumzane, ngingusomabhizinisi. Ngingudokotela. Ngi—nginguprofesa.” Awungcono kunanoma ubani omunye. Futhi noma nini lapho ucabanga ukuthi ungcono kunomunye umuntu, khona-ke awulutho obufanele ube yikho, kusho umBhalo. Niyabo?

<sup>141</sup> Lapho ufika endaweni. . . Ufanele u. . . Ungaba kanjani nokukholwa lapho ulindele udumo, omunye komunye na? Niyabo? Nifanele nincamelane omunye nomunye, njalo, lokho

ngukuphila kukaKristu, ukuncamela umfowenu, udade. Futhi uma benephutha, lokho kulungile, awusoze wabenza babengcono ngokubakhahlela ngapha nangapha, umgaxe ngengalo, umqokule.

<sup>142</sup> Ngiyayithanda lenkolo yakudala, ngiyanitshela ukuthi izokwenzani, iyo—iyokwenza owesudu yedina ahlale ngakowepheya lama-ovaloli, bese begaxana, bese bebizana ngomfowethu, kunjalo; iyokwenza ingubo kakaliko nekasilika kubizane ngodade. Impela kuzokwenza. Kungumbhobho wesibhamu ngqo, futhi iluhlaza okwesibhakabhaka, futhi i—izokwenzela ngempela.

<sup>143</sup> Manje, kodwa uSimeyoni wayeyindoda enedumela elikhulu, wayeyisihlakaniphi esidala, cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala. Manje, wayehambahamba etshela wonke umuntu, “Angizukufa ngize ngibone uKristu weNkosi.” Manje, iBhayibheli lathi. . . Yini eyenza uSimeyoni enze lokho na? Ngoba uMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe, yilowo umehluko, uMoya oNgcwele wawuphezu kwakhe.

<sup>144</sup> Manje, sengathi ngiyabona ihlelo elikhulu ayengowalo ukuthi lathi, “O, umfo omdala bandla, unonyawo olulodwa ethuneni, nolunye lushelela ngokushesha. Myekeni nje, ngeke kube yisikhathi eside kuze kuphele. Uzofa masinya impela, ngakho nje makazijabulise, aqhubekele phambili. U—unohlobo oluncane lokukhohliseka okuncane, ngakho, into ethize ecane engalungile, niyazi.”

<sup>145</sup> Kodwa uSimeyoni wayesakukholwa, wayengenandaba nodumo lwakhe, wazisa wonke umuntu. Wayelindele ukuMbona. Wathi, a “kazukubona ukufa, ngize ngibone uKristu weNkosi.”

<sup>146</sup> Ngiyabezwa abanye borabi abakhulu, niyazi, besukuma, abafo abasebasha, niyazi, ababazi konke i, babene Ph.D. no LL.D. nabo bonke abanye o D, kanjalonjalo, futhi bonke bezivalele ngaphakathi enhliziyweni kubo, niyazi, futhi—futhi bathi, “Awu, ompofu, umfo omdala, kade engolungile, umpristi omdala ezinsukwini zakhe, kodwa, o, myeke kanjalo nje, usangene kancane ekhanda lakhe.”

<sup>147</sup> Kodwa wayehamba ezungeza ekusho, wayengenandaba nodumo lwakhe njengesazi, ayekhuluma ngakho, wa—wayenoMoya oNgcwele phezu kwakhe, wathi, “UMoya oNgcwele wembulile kimi.” Niyabo, wayelindele ukukubona. Wathi, “Ya, ngilungise yonke into, lapho ngiMbona, ngiyazi nje ukuthi ngizokwenzani. Yebo, mnumzane. Ngilungisele yonke into, ngoba ngilindele ukuMbona.” Kungani na? UMoya oNgcwele washo njalo.

<sup>148</sup> Manje, abekho oMoya oNgcwele ababili, munye kuphela uMoya oNgcwele, kunjalo, munye kuphela uMoya oNgcwele. Futhi lowoMoya oNgcwele ofanayo owaholela uSimeyoni ukuba akholwe ukuthi wayengeke afe aze abone uKristu

weNkosi, lowoMoya oNgcwele ofanayo uyangitshela, “Kukhona okuzokwenzeka.” Amen. Ngiyakukholwa nje.

<sup>149</sup> Futhi Unitshela into efanayo. Asikulindele, asikulungiselele, sikulungele. Njengokuthatha uhambo, uthole yonke into ipakishiwe, qhabo, lolu—lolu hlobo lohambo, uthukulula yonke into, usupakishe kakhulu manje, yinkathazo yakho, sifanele sethulule. Ngakho, loluhambo uyathulula. Ufanele ifike ngqo maphakathi nomgwaqo.

<sup>150</sup> Omunye wabafowethu abathandekayo, Mfowethu, bengizothi DeWeese, ngiyakholwa, qhabo, qhabo, lowo ngu-Oral Roberts. O, ungunsumpa wesifundazwe we-Assemblies of God e-Indiana, ngiyakhohlwa ukuthi ungubani igama lakhe manje. Empeleni, uMfowethu Weed, uRoy Weed, ngiqagele nonke niyamazi. Mfowethu Weed, ngolunye usuku. . .

<sup>151</sup> Umzala wami, uMfowethu Vibbert, unelinye lamabandla amakhulu ePentecostal Assembly of God empumalanga e-Evansville, e-Indiana, unazo zonke izindlu zasedolobheni ezisanda kuyiswa ebandleni, umhlangano. Ngakho, babene, ngikholwa ukuthi kwakubizwa nge Five Hundred Room. Ngaphesheya komgwaqo kunegaraji, ngakho uMfowethu Vibbert usanda kulithenga, nomfowabo, enomncintiswano e-Indianapolis, ongaba nezinkulungwane *ezingaka* kuSonto sikole. Ngakho, wayenesikole sabesilisa laphaya ayesanda kufundisa kuso nje ngeSonto ekuseni, amakhulu amahlanu eklasini.

<sup>152</sup> Ngakho ngangifanele ngikhulume ngalokho kusa eklasini lamadoda. Ngangihlezi emva kukaMfowethu Roy, noMfowethu Roy wathi, “Uyazi, ngezwa indoda isho,” nalowo kwakuyimi, “ukuthi i—imaphakathi nomgwaqo yindawo, wathi, ‘Imaphakathi nomgwaqo. . .’” Ngiyakukholwa lokho.

<sup>153</sup> UNkulunkulu wathi ku-Isaya 35, “Kuyoba khona umendo umgwaqo omkhulu.” Abaningi benu maNazarene athandekayo babevame ukucula, “Umgwaqo omkhulu wobungcwele.” Qhabo, “Kuyoba khona umgwaqo omkhulu ne” *ne* yisihlanganiso, sibophela umusho wakho ndawonye, “nendlela, iyakuthiwa *INdlela yobungcwele*,” hhayi *umendo umgwaqo omkhulu wobungcwele*, i *ndlela*. Umgwaqo ofanele wakhiwe ukuze amanzi ageze udoti ohlangothini olulodwa noma olunye. Ngakho, kuphakathi kokuthi uyobanda ngempela futhi ube nesitashi, noma uhlanya e. . . Kodwa indlela imaphakathi ngqo nomgwaqo, ngqo ngaseKalvari, phezulu ngqo nomgwaqo.

<sup>154</sup> Ngakho uMfowethu Weed wasukuma, wayesethi, “Indoda, leyo engenasimilo esihle sokushayela,” wathi, “uma umuntu eshayele maphakathi nomgwaqo, ubeyobulawa.” Wathi, “Lokho akusiso isimilo esihle sokushayela.”

<sup>155</sup> Wayengazi ukuthi ngangihlezi emva kwakhe. Ngamthinta ehlombe, ngathi, “Yilokho-ke, Mfowethu, uboshwe kakhulu



ngumhlaba, u. . .” Ngathi, “Lomgwaqo, awubuyi, kuyindlela eyandawonye nje yemoto ihamba ngaleyondlela.”

<sup>156</sup> Futhi ngakho, ungu—ungumfowethu onomoya omuhle, okahle nje njengoba kungake kucatshangwe. O, he, aba—ababenzi babengcono kunoRoy Weed. Kodwa nje kwakukuhle kakhulu, niyazi, wathi, “Manje, ushayela phakathi nomgwaqo uthola ukushayiswa.”

<sup>157</sup> Ngathi, “Mfowethu Weed, angeke sishayiswe, sihamba ngeyodwa, indlela eqondile, ngendlela efanele nje, asibuyi nhlobo.” Ithikithi lokuya kuphela, ngiyajabula ukuthi senginalo khona-ke, aninjalo na? Ithikithi lokuya kuphela.

<sup>158</sup> Lokho uMoya oNgcwele akwembulayo ngeZwi laKhe, ngikholwa ukuthi lelo yiqiniso, futhi sihlala nakho ngqo. Ngakho, uSimeyoni wayeyindoda enedumela elikhulu phakathi kwabantu, kodwa wayengenamahloni. Abanye bethu bazisho ukuthi banoMoya oNgcwele, sithola isambulo esivela kuNkulunkulu ukuthi sifanele siyeke ukwenza izinto esizenzayo, “Kodwa nokho uma ngikwenza, ngi—ngigijima ngijikeleza noJones ngapha, bazocabangani ngami na?”

<sup>159</sup> Abanye benu besifazane niphungule izinwele zenu, niyazi, ngoba uSusie wakwenza, “Awu, uma kungenzeka ngiyeke izinwele zami zikhule, bebeyongibiza ngefeshini endala.” Ahha. Kodwa uMoya oNgcwele uyakutshela ukuthi ufanele ukwenze, iBhayibheli lasho njalo. Manje, uma noma yini isho okwehlukile kulokho, ungakukholwa, kungamanga, ngoba uNkulunkulu wathi kwakunjalo. Niyabo? Nayo yonke lena enye into esiyinqampune sayifaka ebandleni lePentecostal ngoba amaBaptisti akwenza, ngoba iPresbyterian iyakwenza, “Futhi bayocabanga ukuthi ngiwuhlanya lwemfashini endala.”

<sup>160</sup> Sibona abesifazane bakithi bePentecostal begqoka izingubo ezibukeka sengathi zimpintsha isikhumba, owesifazane wathi kimi ngolunye usuku, wathi, “Kodwa Mfowethu Branham, wathi, “awu, abenzi lutho olwehlukile kulokho.” Kodwa banemishini yokuthunga nezimpahla, ngakho akukho-zaba.

<sup>161</sup> UJesu wathi, “Uma ni. . .” Mm! UJesu wathi, “Uma wenza lokho, uyoba necala ngoSuku lokwaHlulela ngokuphinga.” IBhayibheli lathi, “Obuka owesifazane amkhanuke, usephingile naye vele enhliziyweni yakhe.”

<sup>162</sup> Futhi ugqoka kanjalo, futhi isoni siyakubuka, sizophendula ngoSuku lokwaHlulelwa, futhi uzophendula ngokuzethula ngaleyondlela kuso, ngakho uyoba necala lokuphinga, noma ngabe wedlule esenzweni noma qha, ngoba, wathi, “Obukayo,” futhi uziveza wena uqobo, isoni empeleni sizokwenza lokho. O, bandla lePentecostal, buyelani kuNkulunkulu! Buyani.

<sup>163</sup> O, kwenzekani kusukela ku-Azusa Street kuze kube yilesisikhathi na? U-Azusa Street, kwakuyihlazo ukuba nebhuku lamaculo e—ebandleni ngenkathi kuqala iPentecost.

Bacula eMoyeni, yonke into yayikuMoya. Manje kunjengoDavid duPlessis wathi, “Sinabazukulu abaningi bePentecostal.” UNkulunkulu akanamadodana angabazukulu nhlobo, Unamadodana namadodakazi nje.

<sup>164</sup> Ungenise abantwana bakho ebandleni, ngoba nje wawuyiPentecost, abantwanyana bayangena, base bethatha uhlu lwamagama ezingane, futhi bakhuphuka futhi babiza iPentecost, futhi abazi lutho ngesehlakalo esenza abesifazane bazihlanze, nabesilisa bazihlanze, namabandla azihlanze. Kungcono ngithule, nami, noma . . . Kodwa yiqiniso. Sifanele sibuyele kulesohlakalo futhi. Kulungile. Ngilindele Yena ukuba enze okuthize ngaphambi kokuba Afike, futhi ngi—ngikholwa ukuthi ngizokubona. Kulungile.

<sup>165</sup> Kodwa kwembulwa kuye, yingalesosizathu wayekwazi ukuma eZwini, wathi, “UMoya oNgcwele wembula kimi ukuthi angizukufa, ngiyazi sengiyindoda endala, kodwa angizukufa ngaphambi kokuba ngibone uKristu weNkosi.” Lokho uDavide aKubha, noMose aKubheka, futhi selokhu kwasukela ensimini yase-Edene, iminyaka eyizinkulungwane ezine, baKubheka, kodwa wathi, “NgizoKubona.” Amen. “NgizoKubona.”

“Wazi kanjani ukuthi uzoKubona na?”

“Nginesizathu esihle: UMoya oNgcwele wakwembula kimi.”  
O, he!

<sup>166</sup> Ngabe Uyembula kuwe phandle lapho ohlakeni lombhede kulobubusuku, mfowethu, Yena (noma phandle lapho kulezozihlalo) uzokusindisa na? Uma Ekwenza, uzokuthola, yilokho kuphela. Ngabe Uyembula kuwe, soni, ukuthi uzokwemukela uMoya oNgcwele na? UzoWuthola uma Ekwembula. Wena onenkathazo yenhliziyu, umdlavuzo, isimila, noma ngabe kuyini, kwembulwe kuwe ukuthi uzophulukiswa na? Nizokuthola, landelani ukuhola nje.

<sup>167</sup> “Amadodana kaNkulunkulu aholwa nguMoya kaNkulunkulu,” hhayi ukuholwa ngezinye izinhlanga ezithize, noma ezinye izinhlangano, noma *into ethize-enye*, baholwa nguMoya kaNkulunkulu. UMoya oNgcwele wanikezwa iBandla ukuba ube ngumbonisi, uMfundisi owayezokhulisa abantwana bakaNkulunkulu, hhayi ababhishobhi bethu, nokhadinali, kanjalonjalo, kodwa uMoya oNgcwele.

<sup>168</sup> Ngilindele uMoya oNgcwele, hhayi ihlelo, hhayi umbhishobhi, hhayi umpristi oyiKatolika, hhayi umshumayeli weBaptisti, noma umshumayeli wePentecostal, ngilindele uMoya oNgcwele ukuba wehle futhi uhlele iBandla elizohamba ukuyohlangana naYe, egcwaliswe ngamandla nokuvuka kukaKristu. Ngikulindele lokho, ngiyakukholwa. UNkulunkulu wakwethembisa, ukuthi kuyobakhona iBandla lapho elingenabala noma umbimbi kuLo. Ngikubhekile, ngoba uNkulunkulu wathi kwakunjalo.

169 Omunye wathi kimi, “Mfowethu Branham, awesabi ukuthi uyokwenza iphutha ngobunye ubusuku enhla lapho, kulokho kubona okufihlakele na?”

Qhabo, mnumzane. Ungitshela ukuthi Uyoma ngakimi, ngilindele Yena ukuba akwenze. Kunjalo impela.

“Awesabi ukuthi ezinye zalezoziprofetho ziyoba yiphutha na?”

170 Ukuba bengesaba, bengiyoyeka ukukusho ukuba bengingenjalo, ngaba nokumethemba Lowo obekhuluma kimi, kodwa ngikulindele ukuba kube ngaleyondlela. Wathi Uyokwenza, futhi nginguye, akukaze kwehluleke namanje, futhi akusoze, ngoba ngiMlindele ukuba agcine iZwi laKhe, lembulwe nguMoya oNgcwele. “Amadodana kaNkulunkulu, eholwa nguMoya kaNkulunkulu.”

Manje, ake sithathe umdlalo wasesiteji omncane ngaphambi kokuba sivale.

171 Uzobe ulindele inkonzo enkulu yokuphulukisa kusasa ebusuku na? Uzolindela ukuba iNkosi ithulule izibusiso zaYo kusasa ebusuku na? Impela, asikulindele, sibe ngaphansi kokulindela. O, ngilindela ibandla ukuba libe semlilweni, inkazimulo yeNkosi iwe ndawo zonke, nezoni zizungeze i-altare, nabantu besindiswa, futhi bagcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi into enkulu nje.

172 Amathemba ami nokulindela kwakhelwe phezulu kakhulu. Ngizizwe ngiholeleka ukuba ngiphume, eCalifornia, futhi Uzokwenza into ethize ayenzele omunye, yileyonto eyodwa eqinisekile. Ngikulindele ukuba kwenzeke, ngoba ngizizwela ngiholeleka ukuba ngikwenze. Ngizizwela ngiholeleka ukuba ngisho engikushoyo, ngizizwa ngiholeleka ekwenzeni izinto engizenzayo, noma bengingeke ngizenze. Ngifuna ukuholwa ngaKho, futhi khona-ke ngilindele into ethize ukuba yenzeke.

173 Manje, ake sithi kungoMsombuluko ekuseni, kukhona cishe abantu abayizigidi ezimbili nengxenye kwa-Israyeli ngalesisikhathi, bangaphansi kukahulumeni wamaRoma. Futhi uSimeyoni omdala uyangena, umsebenzi wakhe wawungukuthi, mhlawumbe, ukwenza okuthile ebandleni, futhi emva kwesikhashana lapha umi emuva lapho, futhi uthola iNcwadi egoqwayo, futhi uhlezi ngale ekamelweni lakhe lokufundela, umfo omdala akakaphumi namanje.

174 Usemdala, mdala ngempela, futhi wayemi lapho, wacosha iNcwadi egoqwayo, futhi ngalokho kusa, ake sithi wathola u-Isaya, wafunda phansi ngo-Isaya 9:6, “Sizalelwe uMntwana,” (O!) “siphiwe iNdodana, iGama laKhe liyakuthiwa uMluleki, uNkulunkulu onaMandla, iNkosi yokuThula, uYise ongunaPhakade.”

175 “O, umprofethi wayekhuluma ngoBani na? Lowo yilowoMesiya ozofika, yiLowo uMoya oNgcwele ongembulele ukuthi ngiyombona.”

176 Manje, babengenawo amathelevishini, akabongwe uNkulunkulu, ngalolosuku, ngakho, zonke izinhlobo zemfundisoze, izindaba, namaphephandaba, nemibiko, babengenakho. UJesu wayesevele ezelwe. Ngakho, ezinsukwini eziyisishiyagalombili kamuva. . .ngiqagele kubantu abayizigidi ezimbili nengxenye, bekuyoba namakhulu omama lapho ekuseni, ukuba abantwana babo besilisa basokwe.

177 Awu, kanjani omama bodwa, niyazi ukuthi babathanda kanjani abantwanyana babo, babashaya esilevini sabo, kungekho mazinyo. Ngiyathanda nje ukubona ingane encane engenamazinyo, niyazi, izinsini ezindala nje zicwebezela. Futhi ngiyabona omama bem kanye nezingane zabo ezincane, nezinhle, izingubo zokulala ezincane ezithungiwe, futhi *ezihaha* ezihlathini *kanjalo*.

178 Intombi encane iza yenyuka neNgane isongwe ngembeleko. Futhi ngiyatshelwa, ngokomlando, ukuthi imbeleko yeNkosi yethu yasuswa ngemuva kwejoka lenkabi, eyayilenga esitebeleni. Babelima ngalelijoka, ngaleni, futhi basonga lena, base besonga iNgane kuyo.

179 Futhi sengathi ngiyabona ngibona lawomantombazane omphakathi, amanye aseHollywood abedlula onke, ehamba ngapho, niyazi, emi ebandleni, amagama encwadini, o, he, angamalunga adumile, nezingane zawo ezincane zonke zifakwe amakha, futhi, niyazi, nomthungo, namabhuzo amancane, nakho konke kumi ngomumo, niyazi, benyuka nje.

180 Nokuthi umpristi wayezokwazi kanjani ukuthi babengabakhokhi abakhulu epuletini futhi, niyazi, “Yebo, Medemu *S'bani-bani*, umyeni wakho unguDokotela *S'bani-bani*,” kanjalo, uyazi. Ukuthi babezokwemukela kanjani lokho kuhlonishwa, o, he, bonke bekhukhumele ngakho.

181 Nalentombazanyana ingena neNgane esongwe ngokokusonga okusuka ngemuva kwejoka lenkabi.

182 Futhi ngizwa abanye babo bethi, “*Sh!* Nikuzwile ukuhleba, nikuzwile na? Awukaze uyizwe inhlebo na? Leyontombazane yayinaleyongane ngoJosefa, ingashadile naye. *Mm!* O, kubi kabi, o, ku. . .Wena—wena. . .Kubi kabi! Niyabo? O, ku—ku—kuyi—kuyihlazo! Futhi ithi izarwa yintombi.”

183 Ayizange inake, yabamba uMcebo wayo omncane ngengalo yayo, yayazi enhliziyweni yayo ukuthi leyoNgane yayingekaBani, yayazi ukuthi Leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi bangaki abahleka, futhi bathi, “Unga—ungabi nayo, abantu bekubona uzihlanganisa nayo, khona-ke bazokuthatha njengomunye wabo.”

184 Kungaleyondlela namhlanje. Ngiyesaba yilokho osekuba yindaba ngamabandla ethu ePentecostal, awusafuni ukuba ngelinye lawo, nhlobo, awusifuni lesosehlakalo esiyifeshini endala yombhaphathizo kaMoya oNgcwele, noMlilo namandla kaNkulunkulu. Uthi...[Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]... imfashini endala, futhi. Kunjalo impela.

185 Manje, wahamba waqhubeka, enhliziyweni yakhe wayazi ukuthi leyoNgane yayingekaBani, mabasho abakufunayo, wayazi ukuthi iNgane yayingekaBani. Futhi ngakho uyazi ukuthi lesosehlakalo sivelaphi, leyoNgane, uKristu, ozelwe enhliziyweni yakho, awunamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu.

186 UPawulu wathi, “Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba lingamandla kaNkulunkulu ensindisweni.” Ngiyakuthanda lokho, yebo, mnumzane.

187 Ngenkathi emi ekhuluma noFestu ngalolosuku, noma uFelikisi, ngikholwa ukuthi kwakunguye, wathi—wathi, “Ucishe ungivumise ukuba ngibe ngumKristu.”

188 NoPawulu wayemtshelele, wathi, “Ngendlela ethiwa ukweduka,” lokho ngukuhlanya, *uhlanya*, “yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawoBaba bethu.” Ngiyajabula ukujoyina izandla naye kulobubusuku, aninjalo, bantu bePentecostal na? Anijabuli, kulobubusuku, ukuthi, “Ngingomunye wabo”?

Kwakuvame ukuba yiculo elincane lePentecostal esasilicula:

Babebuthene ekamelweni eliphezulu,  
Bonke bekhuleka eGameni laKhe,  
Babhaphathizwa ngoMoya oNgcwele,  
Kwase kufika amandla okukhonza;  
Abenzela khona ngalolosuku  
Uzokwenzela okufanayo,  
Ngijabula kakhulu ukuthi ngingasho ukuthi  
ngingomunye wabo.

Anijabuli ngalokho na? O, ngijabula kakhulu ukuthi ngingomunye wabo.

189 Wahambana waqhubeka naleyoNgane, futhi bonke bethi, “Ungasondeli kuye manje. A, ungumgingqiki ongcwele,” noma—noma niyazi, into efana naleyo. Bukani nje...Mhlawumbe ngisho into engalungile ngaleyonkathi, kodwa ngithemba ukuthi angizange.

190 Ngakho, wayazi ukuthi leyoNgane, wayazi ukuthi YayingekaBani, wayazi ukuthi Leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu, akunandaba ukuthi kuyihlazo kangakanani. Futhi uyazi ukuthi uma uke wemukela uMoya oNgcwele, uyazi ukuthi lokho kuyisehlakalo sikaNkulunkulu ngawe, uyazi ukuthi uvelaphi, uyawazi umgodi owathathwa kuwo, uyazi ukuthi yini eyakusindisa, uyazi ukuthi yini ekwenze wehluka.

<sup>191</sup> Futhi wahamba waqhubeka, “Kulungile lokho abakushoyo, angizukukunaka, ngizoKubuka nje, S’thandwa.”

<sup>192</sup> O, uma ibandla lePentecostal nje belingathandana noKristu kanjalo, “Nkosi, ngizoKubuka, S’thandwa. UyiSithandwa sikaNkulunkulu. Kuphosele ezinjani. Ngizozenza... Ngizonikela ngokuziphatha kwami njengomKristu wangempela, ngizohamba ekuKhanyeni kwesiphambano, ngengalo ephuma othandweni nobumnandi.”

<sup>193</sup> “Ya, ngiyazi ukuthi UngokaBani, S’thandwa, UyiSipho engisiphiwe nguNkulunkulu.”

<sup>194</sup> Futhi into yokuqala niyazi, uSimeyoni omdala ehlezi ngale ekamelweni, u-Isaya 9:6, noMoya oNgcwele. . .

<sup>195</sup> Manje, bukani, uma uMoya oNgcwele ukwethembise okuthize, futhi kade ukulindele, sekukuMoya oNgcwele-ke, ukubona ukuthi uholelwa kukho. Bangaki obelindele imvuselelo na? Kulungile. Manje, mhlawumbe lesi yisikhathi Akuholele kuyo. Uma kukhona imvuselelo eyenziwayo, Uzokungenisa ngqo. Bangaki abelindele ukuphulukiswa na? Impela, kulungile, khona-ke ulapha ngqo emthonjeni.

<sup>196</sup> Bukani, i...uDavide wathi, “Lapho utwa lubizana notwa.” Uma kukhona okujulile okubizayo ngaphakathi, kuzofanele kube khona okujulile okubizayo ndawondawo ukusabela kulokho okujulile. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Ngaphambi kwalapho, lapha, ningabantu, nihlala ngasolwandle, ngaphambi kokuba kube nesigwedlo emhlangane wenhlanzi, kwakufanele kube namanzi kuqala ayo ukuba ibhukude kuwo, kungenjalo yayingeke neze ibe nesigwedlo. Ngaphambi kokuba kubekhona isihlahla ukuba simile emhlabeni, kwakufanele kubekhona umhlaba kuqala, kungenjalo kwakungebebikho-sihlahla ukuba simile kuwo.

<sup>197</sup> Njengoba bengihlale ngenza lesisitatimende, ngafunda indatshana, iphepha esikhathini esithile esedule, ukuthi umfanyana esikoleni wayelokhu edla amarabha epensela lakhe, futhi bathumela ekhaya, futhi babuza unina ukuthi kwakuyini indaba ngalomfo omncane. Futhi ngoluny’usuku wamthola ngaphandle edla isitibili sebhayisikili.

<sup>198</sup> Ngakho, wamehlisela endlini yokucwaningela ukuya, noma emtholampilo, njalo, ukuba ahlole igazi lakhe—lakhe, kanjalonjalo. Ngakho, ngenkathi behlola umfo omncane, bathola ukuthi wayedinga isibabule, umzimba wakhe omncane wawunxanela isibabule, ngakho-ke isibabule siserabheni. Ngakho, manje bukani, ngaphambi kokuba kubekhona ukulangazelela isibabule, kwakufanele kube nesibabule, kuqala, ukusabela kulokho kulangazelela. Ngamany’amazwi, ngaphambi kokuba kube khona okudaliweyo, kuzofanele kube noMdali ukudala okudaliweyo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

<sup>199</sup> Manje, uma womele okuningi kukaNkulunkulu. . . Bangaki abangathanda ukuba nokukaNkulunkulu okuningi na? Awu, kuyakukhombisa ukuthi kunokuningi kukaNkulunkulu kuwe ukuba ube nakho. Kunjalo. Uyafuna ukuphulukiswa na? Ngani, ngokuqinisekile njengoba ukholwa nje ukuthi uNkulunkulu unguMphulukisi, kukhona uMthombo ovulekile ndawondawo, kungenjalo ubungeke ube nalesosifiso. Uma ulangazelela ukuba noMoya oNgcwele, lokho kukhombisa ukuthi kukhona uMthombo ovulekile ndawondawo, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele. Niyabo, kuzofanele kubekhona uMdali ukudala okudaliweyo, bese kuthi-ke kuzofanele kube nento ethize phandle lapho ukuphendula kulokho okudaliweyo.

<sup>200</sup> Manje, uMoya oNgcwele wawubophezelekile ngaleyonkathi, ukumholela kulowoMthombo. Amen. O, uma ukubhekile, uMoya oNgcwele ofanayo ukuholela kulowoMthombo, Ufanele uvuleke ndawondawo. Uma unalesosifiso esivuthayo enhliziyweni yakho, uMoya oNgcwele ubophezelekile ukukholela kuWo, ngqo kulowoMthombo ogcwaliswe ngeGazi, elidonswe emithanjeni ka-Emanuweli, lapho izoni, lowo abangakholwayo, zibhukuda ngaphansi kwethantala, zilahlekelwe yikho konke ukungakholwa kwazo. Kunjalo.

<sup>201</sup> O, ufuna ukuba sendaweni lapho ongedlula khona noma yikuphi ukungabaza engqondweni yakho. Anifuni ukuba ngaleyondlela na? Awu, kukhona uMthombo, ndawondawo, ukwenza lokho. NiyaWufuna, niWufuna.

<sup>202</sup> Manje, khona-ke ngalesosikhathi, uma kade uwufuna, ufakaza ngawo, uwulindele ngoba wawuyisithembiso, futhi sonke isithembiso eNcwadini singesakho, ngakho beniwufuna, khona-ke uma bewusondele kuye, bekuyisibopho sikaMoya oNgcwele ukumholela kuleyondawo lapho uKristu ayekhona. Leso yisibopho sikaMoya oNgcwele.

<sup>203</sup> Manje, uma ukholelwa ekuphulukiseni, kuyisibopho sikaMoya oNgcwele ukukholela phezulu ngqo eMthonjeni. Manje, awudingeki ukuba ungene, kodwa Uzokuhola akukhupule, akukhombise. Uma ufuna uMoya oNgcwele, khona-ke uMoya oNgcwele uzokuholela phezulu ngqo endaweni lapho ongemukela khona uMoya oNgcwele, uma nje uMvumela akuhole.

<sup>204</sup> Ngiyawuzwa uMoya oNgcwele egunjini ngalokho kusa kuSimeyoni, wathi, “Sukuma!”

“Ufuna ngiyephi, Nkosi na?”

“Akusikho okwakho ukuba wazi, qhubeka nje uhamba.”

Nangu eza, akazi lapho eyakhona, uyahamba nje. Uphumela ekamelweni, uqalaza macala onke.

“Qhubeka nje uhambe, Simeyoni.”

“Kuphi, Nkosi na?”

“Qhubeka nje uhambe.” Ngizothi! “Qhubeka nje uhambe.”

“Ngifanele ngenzeni na?”

“Qhubeka nje uhambe, Ngizokuhola.”

205 Uyavuma ukuMvumela enze lokho na? Hhayi ukuthatha ingqondo yakho uqobo, uthathe umqondo waKhe nje. “Mawube kini lowomqondo owawukuKristu.” Ungagxeki, uma ungakwazi ukukuqonda, kubheke emBhalweni futhi ubone ukuthi kuqinisile noma qha. Niyabo?

“Qhubeka nje uhambe.”

206 Uya ngale kulomugqa wabesifazane, mhlawumbe kwakukhona amakhulu amathathu noma amane abo bemi lapho, ngiyambona ehamba ehla ngomugqa, “Nkosi, kuyinqaba, Wangitshela ngelinye ilanga, futhi Wena, uMoya oNgcwele ophezu kwami, ungenze ngazi izinto eziningi. Awukaze ungehlulekise, angazi ukuthi Ufunani ngami kulokhu ukusa, kodwa Ungitshelile nje ukuthi ngiqhubeke ngihambe, ngakho ngilapha.”

207 Ehamba, emva kwesikhashana, kwathi nje amehlo akhe angawela phezu kwalowo wesifazane omncane, bonke bemile emuva, njengamakholwa athiyeka emnceleni, niyazi, emi emuva eceleni, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule,” kanjalonjalo, kodwa niyazi, enhliziyweni elambile eholwa nguNkulunkulu, bayazi ukuthi kulapho lapho bekuthola, ba—bayazi ukuthi sebefike ndawondawo.

208 Ngakho uSimeyoni, ngenkathi efika phezulu lapho eduze kwalapho leNgane yayikhona, ngiyasibona nje isazi esidala, nezinkulu, izinyembezi ezicwebezelayo ziqathaka ezihlathini zaso ezinentshebe, futhi zifinyelela ngale, sasesidumela leyoNgane ngezingalo zaso, sabheka phezulu ngaseZulwini (O, umuzwa onje pho!), “Nkosi, manje vumela inceku yaKho imuke ngokuthula, ngokweZwi laKho, ngokuba amehlo ami abonile iNsindiso yaKho.” Yona impela iNto wonke umuntu ayeyigxeka, ehlekisa ngayo, leyo yiNsindiso yaKho. “Makuthi inceku yaKho manje imuke ngokuthula, ngokweZwi laKho, sengilungele ukuhamba manje, ngokuba amehlo ami ayibonile iNsindiso yaKho.”

209 Emuva le ekhoneni kwakungomdala, umprofethikazi oyimpumputhe, kodwa wayekwazi ukubona ngqo ngalezozindonga, ngoba wayengumprofethikazi, naye wayelindele induduzo ka-Israyeli. NoMoya wawuphezu kwakhe, eyimpumputhe, elele ngale ekhoneni, wasukuma, uMoya oNgcwele ufanele ukuthi wathi, “Sukuma, Ana.”

210 Nangu eza edabula ethempelini, ephuphuthekile ngokomzimba, kodwa wayekwazi ukubona kude kakhulu kunabaningi babo ababemi lapho namehlo amahle. O, yilolohlobo lokubona engilufisayo! Nangu eza, ezungeza



indlela yakhe edabula esakhiweni, ephuphuthekile, futhi uza ngqo, ngqo lapho leyoNgane yayikhona. O, he!

<sup>211</sup> Waphakamisa izandla zakhe futhi wabusisa uNkulunkulu, wabusisa uMariya, waprofetha, khona lapho phambi kwabo, ukuthi uMntwana uzoba ngowokuwa nokuvuka futhi nabaningi kwa-Israyeli, nakho konke, ukuthi inkemba iyoyihlaba kanjani futhi inhliziyo, nokuthi abaprofethi babeshilo kanjani ukuthi lokho kuyokwenzeka.

<sup>212</sup> Manje, uma lowo omdala, owesifazane oyimpumputhe ubengaholelwa kuleyondawana engenamhlo emvelo, ukubona lowoMthombo ugcaliswa ngeGazi, Ufanele kangakanani ukukuhola, kulobubusuku, onokubona okuhle esiphambanweni, ukubona ngeso lakho lokomoya na?

<sup>213</sup> Ungabheki ukushawelwa ihlombe kwezwe, ungeke ube nakho, kodwa vuma ukunikela isithunzi sakho. Yonke into oyiyo, inikele eMbusweni kaNkulunkulu. Nikela isikhathi sakho ngomkhuleko, nikela ngempilo yakho, nikela umdlalo wamakhadi akho, nikela ngazo zonke izinto zezwe, kunikeze udeveli, makabe nakho, kungokwakhe, wena hamba noKristu.

<sup>214</sup> Ngesinye isikhathi, eminyakeni embalwa edlule, kwakukhona omkhulu, umculi waseMelika owavakashela eRashiya, futhi wadlala isiqalo somnyuziki esishaywa ngopiyano eMoscow. Futhi bathi wayewudlala ngobucwazicwazi obunjalo, nobuhlakani obukhulu kangako njengoba wayenjalo, izethameli zaze zama ngezinkulungwane futhi zamemeza, futhi zagxoba ngonyawo lwazo, futhi zamumemeza kakhulu zimcela ukuba adlale futhi. Futhi umfana wama lapho nje, futhi wayelokhu ebuka *kanjalo* nje. Awu, bona, bonke baqala ukumangala ukuthi kwakuyini indaba ngaye. Ubengekwemukele yini ukushaya ihlombe kwabo na? Bonke wayeshaya ihlombe.

<sup>215</sup> Yileyo inkathazo namhlanje, sibheke umuntu othize ozozama ukusimbambatha emhlane, ethi, “O, uyilokhu, lokho.” Ungakubheki lokho, izwe alisoze lakwenza. Uma ukumbambatha kufika kuyoba senhliziyweni ngeNkosi uJesu, niyabo. Ungabheki ukuthi izwe lithi, “O, uNkk. Jones, ulungile . . .” Qhabo, qhabo, ungakubheki lokho, uzogxekwa.

<sup>216</sup> “Bonke abahamba ngokumesaba uNkulunkulu kuKristu Jesu bayakuzingelwa,” khumbulani nje. Uma kungafiki, kukhona okungalungile, ndawondawo, hlola, buya, ubone ukuthi sisuke kuphi.

<sup>217</sup> Sibheke okuthize ukuba sithi, “Sine . . . singabenhlangano enkulu kunazo zonke ePhentekoste. Singabalokhu, noma singabalokho.” Niyabo? Ningakubheki lokho, uma nikwenza, niphuma endleleni eqondile, eyingcingo.

<sup>218</sup> Lendoda, babe, babeshaya ihlombe, futhi bedazuluka, futhi bethi, “Ufanele ukukhothama, kunjalo, ‘O, ngiyani bongaba

nonke, kakhulu. Ngibanibonga nonke, kakhulu. Ngizodlala elingconywa ngalesisikhathi.” Kodwa wayengakwenzi.

219 Futhi bama, wonke umuntu babukana, futhi bonke bashaya ihlombe futhi, futhi bagxoba ngezinyawo zabo. Kodwa umfana akazange abanake begxoba ngezinyawo zabo, noma beshaya izandla zabo. Kwenzeka baqaphela, wayenamehlo akhe ethe njo *kanjalo*, phezulu le kuvulandi osesitezi. Futhi babheka phezulu lapho ukuba babone, uthisha wakhe omdala wayehlezi phezulu lapho, umpetha omdala womnyuziki. Wayefuna ukwazi ukuthi wayezothini ngakho, wayengenandaba ukuthi babethini, wayefuna ukwazi ukuthi *wathini* ngakho.

220 Futhi ngicabanga ukuthi yilokho ebisifanele sikucabange kulemvuselelo ezayo, masingacabangi ukuthi izwe lizocabangani, asilokhu sibuka phezulu, futhi sibone ukuthi iNkosi izothini, iNkosi Eyasinika uMoya oNgewe, iNkosi Eyasifundisa ukuphila ngokufanele, iNkosi Eyasinika iZwi laYo, iNkosi Eyasinika ukuPhila kwaYo. Masiphilele Yona Eyasifelayo, futhi singlarinaki izwe, kodwa sibone ukuthi Ithini ngakho.

221 Kulokho, asize kusasa ebusuku sinokulindela okukhulu ukubona ukubonakaliswa kukaNkulunkulu ephulukisa abagulayo nabahluphekile. Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje.

222 Ngabe uphansi kokulindela, bandla na? Ngabe ulindele uNkulunkulu ukuba athulule uMoya waKhe na? Ngabe sikhona isoni lapha esingathanda ukuqala, kulobubusuku, senyukele e-altare, futhi sithi, “Ngifuna ukuguqa phansi, ngikhuleke, Mfowethu Branham, ngi—ngilindele uNkulunkulu ukuba angisindise kulobubusuku, ngi—ngingena kulowomnyango nalokho kulindela”? Uma ulapha, woza.

223 Yini ekuholele emnyango, ndodana na? Yini ekuholele emnyango, ntombi na? Kwenziwa yini na? Yini eyakudluthula kulesosixuku samabhungu namatshitshi sabantu abanganaki ezweni na?

224 Ngenkathi ngingena edolobheni ngobunye ubusuku, njengokuthi nje, ciske impela, isigejane sabafake izigqoko ezivikele ikhanda nentambo simi phandle lapha endaweni, begqoka amajakhethi esithuthuthu, amabhukwana asathayithi zidonseke uhhafu phansi ezinqulwini zabo, nabanye, izinwele ezenele zazibukeka kanjalo, ngaphezu kokuba abesifazane begqoka phezulu ekhanda labo kanjalo, behlezi phandle lapho, futhi . . .

225 Kwenzekani kulomhlaba na? Yini indaba na? O, nsizwa, ntombi, zidluthule kulesosigaba sokuhlanya. UMoya oNgewele uniholele lapha, kulobubusuku. Phakamisani izandla zenu, futhi niMemukele njengoMsindisi oqondene nani, kulobubusuku. Uzosusa zonke izono zakho, futhi akunike injabulo ongazi lutho

ngayo namanje, uze uMemukele. Awudingi ukuba ube musha, abadala bangenza okufanayo.

226 Emkhulekweni wokuvala, bangaki abangathanda ukukhunjulwa emkhulekweni, ngokuphakamisa isandla sakho, bese uthi, “Ngikhumbule, Mfowethu”? UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, ndawo zonke, lokho kuhle, ndawo zonke. Lokho kuhle.

227 Unesicelo enhliziyweni yakho na? Uthi, “Nkulunkulu, ngilindele Wena ukuba ungiqindule kulemvuselelo. Nginabantwana abalahlekile. Nginobabayi olahlekile, umama, umfowethu, noma udadewethu, noma othandekayo, umakhelwane, bakhumbule, Nkosi.” Phakamisa isandla sakho nje. Uzo—U—Uzokuzwa, Uzokwazi. Enhliziyweni yakho nje, kusho lokho nje. “Sindisa lo othandekayo.”

228 Manje, uma uphakamisele isandla sakho kuYe, khona-ke hamba ulande lowo othandekayo bese ubangenisa. Bangenise, yileyo indlela. Baletheni lapha, ukuze nibalethe eMthonjeni, njengo—njengoFiliphu wahamba futhi waletha uNathanayeli eNkosini uJesusu. Wamshela ukuthi wayekuphi, ngaphansi kwesihlahla, ngenkathi emthola.

229 Baba wethu waseZulwini, siyajabula, kulobubusuku, ngenhlanhla yokuma kulelibandla nokukhulekela abantu. Siyabonga ngeZwi laKho, iZwi laKho lingukuPhila, Nkosi. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzothumela imvuselelo esiyicelayo.

230 Futhi manje, Nkosi, ngiKucela okuthize, siqu sami, mina uqobo: Ngiyacela, Baba waseZulwini oThandekayo, faka ezinhliziyweni zabantu ukulindele, mabangalokothi bakukhohlwe lokho, konke ezansi ubusuku bonke, uma sizakuqhubeka emhlanganweni, kwangathi bangakhumbula kulobubusuku, bakulindele.

231 Siyeza njalo ebusuku. Uthi, “Awu, akuzange kwenzeke izolo ebusuku, kodwa ngizobe ngikulindele kusasa ebusuku, kuzoba—kuzoba kusasa ebusuku, ngizoba yilowo. Ngizoba yilowo owemukela uMoya oNgcwele. Ngizoba nguye, owokuqala e-altare ukuphenduka ezonweni zami. Ngizoba ngowokuqala uNkulunkulu amngcwelisayo futhi akhiphe lonke izwe kimi. Nkosi, nginamahloni ngempilo yami, nginamahloni ngendlela ebengenza ngayo. Ngi—ngifuna Wena ukususe kimi, unginike *into ethize* enkulu kakhulu Nkosi, ukuthi ngeke ngifune ukubuyela kulokho kuzibhixa kwezingulube futhi, njengoba iBhayibheli lisho ngokucacile, ‘Njengengulube ibuyela ekuzibhixeni kwayo, nenja ebuhlanzweni bayo.’” Futhi singabona Nkosi, ukuthi abaningi babantu bakithi bePentecostal benza ngendlela efanayo, bakhuphuka ephuma ezweni, futhi bebuyela ngqo kulo futhi.

232 Nkulunkulu, ngiyacela, mabangacabangi, Nkosi, ngizama ukubathethisa, kodwa ukuzama nje ukubeka umBhalo phambi

kwabo, bayodingeka bahambe phezu kwaWo, Nkosi, futhi baWufuqele eceleni ukuba baqhubekele phambili. Ngikhulekela ukuthi wonke umuntu, nami uqobo, nathi sonke, sizothatha uhlu oluqukethe lwezimpilo zethu, futhi sikuqhathanise nesidingakalo sikaNkulunkulu. Siphe khona, Baba.

<sup>233</sup> Sithethelele izono zethu, sithethelele amaphutha ethu neziphambeko zethu. IGazi leNkosi uJesu malingcwelise lelibandla elincane, kulobubusuku. O Nkulunkulu, kwangathi wonke umuntu ophakathi lapha angathola u—ukuthinta kukaMoya oNgcwele, khona manje, Baba. Siphe khona. MaWufike, ngiyacela kwenze, Nkosi, bese uqala imvuselelo khona lapha kulelidolobha. Siphe khona, Nkosi.

<sup>234</sup> Yenza lelibandla libe yisibonelo, i—ibandla eliyisibonelo. Futhi makuthi abantu bavele ezingxenyeni ezehlukene futhi babuke phakathi lapha futhi babone indlela ukuziphatha kwabo okuyiyo, nokuthi bahlehla kanjani ezintweni zezwe, babuyele kweyangempela, yeqiniso, indlela yePentecostal yangoqobo yokwangempela, izehlakalo zePentecostal zangoqobo, behamba naWe, bengenasici. Siphe khona, Nkosi.

<sup>235</sup> Khona-ke amanye amabandla azobona, ayothi, “Awu, uma umfowethu engaba nebandla lakhe kanjalo, nabo bonke labobantu bangaba ndawonye, nezinhliziyo zabo zingaba-nye, futhi—futhi banengalo elulelwe wonke umuntu, futhi bukani ukuthi mkhulu kangakanani umehluko okhona kubo!” Nkosi, khona-ke bayolamba futhi bome.

<sup>236</sup> Wena wathi, “Ningusawoti womhlaba, kepha uma usawoti edumele, awusasizi lutho, kodwa ukuba ulahlwe ngaphandle, futhi unyathelwe phansi kwezinyawo zabantu.” Nkulunkulu, kungesikho ukuthi abantu bazongizwa, uma kungenzeka bavale izindlebe zabo, ngi—ngifuna ukusho lokhu, Baba: Ngibuka indlela ibandla lePentecostal eliba ngayo, O Nkulunkulu, lizisho ubungwele, futhi sesibe yini na? Usawoti odumele.

<sup>237</sup> Nkulunkulu, buyisela isinongo kusawoti ngokushesha, ukuze uthintane nalelizwe elibolayo, ukuze li... Kuyisinongo uma kuhlanguka, futhi kunokuPhila kukho, kuzosindisa. Nkulunkulu, senze isinongo zezwe, siphe khona, Nkosi. Faka isinongo kithi ukuqinisa ibandla, ukuze abantu bangene kulomnyango futhi babone amandla okuvuka kweNkosi uJesu ehamba phakathi kwabantu, eZibonakalisa iphila kuze kube phakade.

<sup>238</sup> Kwangathi singebuke ekushayeni ihlombe kwabantu, noma umbono wabantu, noma izinkulungwane ezingamashumi amane emhlanganweni ukwenza imvuselelo, O Nkulunkulu, leyo akusiyo imvuselelo. Ngikhulekela ukuthi uMoya oNgcwele uzobamba izinhliziyu ezimbalwa, futhi unyakazise ibandla, futhi ubangele imvuselelo yangempela yePentecostal. Siphe khona, Nkosi.

<sup>239</sup> Wethembisa ukuzwa umkhuleko, futhi ngikholwa ukuthi Uzokwenza, njengoba nginikela inkonzo kuWe, nabantu kuWe, ukuthi Ungaphendula imikhuleko yethu, futhi ugewalise izifiso zethu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

<sup>240</sup> Asicule leliculo elimnandi elidala lebandla, ngiyalithanda nje, lingelinye lamaculo ami engiwathandayo. Siphe indlela, “Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda ngoba Wang’thanda kuqala, wang’theng’linsindiso eKalvari.” Uyalazi na? [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] Ngiyaxolisa.

Ng’yaMthanda . . .

Manje asikhonze, sibe nomlayezo osikayo, asikhonze.

. . . Mthanda

Ngoba Wang’thanda kuqala

Wang’theng’linsindiso

Emthini waseKalvari.

<sup>241</sup> Manje ake sithi, sisalricula futhi, sixhawulane, omunye ophambi kwakho, ngemuva kwakho, asikakhishwa okwamanje, manje asixhawulane nje, sisacula. Xhawulana namaMethodisti, namaBaptisti, ne-Oneness, neTwoness, neChurch of God, ne-Assemblies of God, neFoursquare; sonke siyiFoursquare. Asi— asidwebe imigqa yethu ngaleya kwanoma yisiphi isithiyi sehlelo, futhi sibe ngabazalwane.

<sup>242</sup> Ngiyabona ohlezi phakathi lapha, kulobubusuku, ngiyabaqonda abanye, umngane oyiKatolika, ngibona omunye, umfowethu waseDunkard, umfowethu ongumAmish, nakanjalo ehlezi lapha, kulobubusuku. Sonke simunye, ngaMoya munye sonke senziwa ukuba siphuze eMthonjeni owodwa.

Ng’yaMthanda . . .

Ngoba Wang’thanda kuqala

Wang’thengel’insindiso

Emthini waseKalvari.

<sup>243</sup> Manje, ngezinye izikhathi amagama ahlaba ajule ngempela futhi kanzima, kodwa khumbulani, niyabo, sisokiwe, lokho kunquma amafindo, niyabo, sisokwa ngeZwi likaNkulunkulu. Futhi Liyasika, kodwa kukulungele, kukulolonge. Lisike isihlahla sibuye futhi sizothela kangcono, ungavumeli iziphetho eziningi ezixegayo ziphume kuso.

<sup>244</sup> Yileyo indaba namhlanje, sineziphetho eziningi kakhulu ezixegayo, ziphuma *ngalendlela nangalendlela*, izinhlangano zemiphakathi eziningi kakhulu, nokuningi kakhulu kwalokhu, nokuningi kakhulu kwalokho, asibuyele entweni eyodwa, iKalvari, lapho esingacula khona ngenhliziyo yethu. Futhi uzenza othobekile ngokwedlulele . . .

<sup>245</sup> Ngi—ngiyagcina nje, ngizama ukuvika udaba lapha, ngizolusho. Umhlangano wami wokugcina eTucson, e-Arizona, ebusukwini obuthathu noma obune obedlule,

ngibone abantu abamhlophe bengena lapho, beyisitashi, iPentecostal, beyisitashi njengoba bebengaba njalo; ngibone abanye abaseMexico abadala abampofu bengena lapho, bebelapho ngalokho kusa ngenkathi ngikhuluma enkonzweni yasekuseni, bahlala ngqo kulelobandla usuku lonke, kusukela ngelesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa kwaze kwaba, awu, kwakungelesishiyagalombili nqo, cishe ngelesikhombisa nqo, ngiqagele, noma elesishiyagalombili, ngenkathi bengena, futhi bahlala phansi futhi bahlala ngakhona kulelobandla kwaze kwaba yilokho kuhlwa.

<sup>246</sup> Futhi lapho sekufika isikhathi, ngenkathi uMoya oNgcwele uqathakela phakathi kwesakhiwo, ubani owaphulukiswa na? AbaseSpain, abaseMexico. UMoya oNgcwele uphumela ngqo ezethamelini futhi uvusa abagulayo nabahluphekile, nakho konke kanjalo, uletha ngapha, owaseSpain, ethobekile. Eza ekulindele, lutho olwezwe, bebuka kuKristu nje.

<sup>247</sup> BengiseJalimane, maduze nje. UMfowethu Arganbright, omunye wabazalwane benu baseCalifornia lapha, iChristian Business Men, ngikhulwa ukuthi ungunobhala, noma okuthize, noma umphathisikhwama, *enye into ethize* kwiChristian Business Men, omunye wabaphathi babo, umfowethu okahle ngempela, akekho lapha kulobubusuku, kungenjalo ubezoba semsamo. UMiner Arganbright uqonde ngqo okombhobho wesibhamu, uyindoda ekahle, ungabeka ithemba lakho kuMiner Arganbright njengomKristu. Kade nginaye kuzo zonke izinhlobo zemihlangano.

<sup>248</sup> Wayehlezi lapho ngalobobusuku ngenkathi izinyanga-bathakathi eziyishumi nanhlanu ohlangothini ngalunye, zizama ukuphephetha into, futhi ngabona lapho isiphepho siphakama, cishe abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu noma amashumi amane, lelothende lizamazama, lezozinyanga bathakathi zisika lolophaphe, futhi zilukhomba ngakimi, nalezozikelo, futhi zidlula lapho futhi zicula, futhi zithi zaziyo-biza isiphepho, zakwenza. Ungalokothi uzithathe kancane. Ngakho zabiza isiphepho, zathi, “Sizoliphephula.” Naleyondawo enkulukazi yehla yenyuka *kanjalo*.

Ngathi, “Mfowethu Arganbright, khuleka.”

Ngathi, “Mfowethu Lowster, ungakuhumushi lokhu.”

<sup>249</sup> Ngathi, “Nkosi Nkulunkulu, ngehla kuleyondiza ngolunye usuku, eGameni leNkosi uJesu. Ungitshela ukuthi Uyoma ngakimi ngehora lenkathazo, Awukaze ungehlulekise namanje, ngakho-ke, Nkosi, lesisixuku sonke sijabule kakhulu, kunamakhulu nezinkulungwane zamakhomanisi ahlezi lapha,” naleyo encane, intombazane eyimpuputhe yayisanda kuphulukiswa, ngathi, “NguWe, Nkulunkulu, Ungaligudluzela lelofu, ngakho ngiyalikhuzela lelofu.”

<sup>250</sup> UNkulunkulu enguMahluleli wami, khona impela maphakathi nethende, uqala ukubhidlika, ugingqika *kanje*, futhi ngaphansi komzuzu ilanga lase likhanya, ukuduma kwezulu kuphuma kanjalo, kumi lapho, yebo.

<sup>251</sup> Futhi ngaqaphela iSwiss. AmaSwiss awazange abe nankathazo, anjengabaseMelika, bakahle, bondliwe, he, njengeqhude nje, uma nizoveza-. . . , e, ngiyaxolisa ngesisho. “Singu *S'bani-bani*. SingabakwaZwingli. Si—singamaLuthela, asidingi ukulalela leyonto.” NalawomaJalimane amadala ampofo onke ashaya phansi. Sabala imithwalo yamabhasi eyikhulu namashumi ayisishiyagalombili, leyomithwalo yamabhasi amakhulu anephezulu eliyingilazi, engena lapho okukhona cishe izinkulungwane ezingamashumi amahlanu zibuthene ndawonye lapho enkundleni enkulu yezemidlalo.

<sup>252</sup> Futhi ngenkathi. . . Kwenzekani na? Ngenkathi uMoya oNgewele uqala ukwehla, wonke umuntu phandle lapho kwakungamaJalimane Ayewabiza. Wabashiya behlezi khona lapho ababehlezi khona, besesekuguleni kwabo, besesesonweni sabo, behlezi khona lapho, futhi waphulukisa amaJalimane afika namathemba, futhi elule izingalo.

<sup>253</sup> Ayekade eshaywe phansi afika endaweni, lawomaKristu phezulu lapho phansi kukaHitler nabo, ayeshaywe endaweni aze adingeka abheke kuNkulunkulu ukuba athole umusa. O, uNkulunkulu uyazi ukuthi izinto zenziwa kanjani.

<sup>254</sup> Bangane, bhekisisani, makungabi nguwe. Woza nokulindela, lungela. Beka eceleni konke okusindayo okuncane okukuthandela kalula kangaka, futhi uze uthobekile enhliziyweni, ulindele uNkulunkulu ukuba agcine iZwi laKhe, Uzokwenza.

Ng'yamthanda. . .

Asivale amehlo ethu nje manje, futhi siphakamise izandla zethu.

. . . Ng'yaMthanda  
Ngoba Wang'thanda kuqala  
Wang'theng'linsindiso  
Emthini waseKalvari.

Ng'ya. . . (Ngiyabonga, Nkosi). . .  
Ng'yaMthanda  
Ngoba. . .

Valani amehlo enu nje futhi nicabange ukuthi Unenzeleni. Ngokukholwa beka izandla zakho phezu kwamagoda aKhe aneGazi, uzwe izinhlungu zaKhe, ubuhlungu baKhe obunzima.

Wang'theng'linsindiso  
Emthini waseKalvari.

Asime manje, ngezinyawo zethu.

Ng'yaMthanda, ng'ya . . .

Mkhonzeni manje, phakamisani izandla zenu nje, asikhonze.

Ngoba Wang'thanda kuqala

Wang'theng'linsindiso

KowaseKalvari . . .

<sup>255</sup> Asilihamishe kuYe. Buka ngaleya eKalvari: Imimoya iyavunguza, umhlane waKhe unamathele esiphambanweni, iGazi namathe ebusweni baKhe. Ngihamba ngokukholwa, Nkosi, ngibuka lesosipikili ezinyaweni zaKho, nasezandleni zaKho, ngibeka izandla zami phezu kwalokho kubhokodwa ohlangothini lwaKho, ngi—ngizwa ukudabula kwezipikili. Wafa ukuze ngiphile, Nkosi. Mangilahlekelwe yimina uqobo, Nkosi. Mangilahlekelwe yikho konke ukuziqhenya kwami, nabo bonke ubuwula empilweni yami, mangibuzwe enhliziyweni yami kulobubusuku, Nkosi, makuthi lelibandla likuzwe enhliziyweni yabo. “Wang'theng'linsindiso eKalvari.”


<sup>256</sup> UyiWundlu likaNkulunkulu elisusa isono sezwe, futhi yimina onesono, susa izono zami. “O Wundlu likaNkulunkulu, ngiyeza!” Ngiza ngivuma amaphutha ami, ngiza ngivuma iziphambeko zami, futhi ngiyavuma ukuthi angifanele ukuphila, kodwa, Nkosi, mangiphilele Yena owangifelayo. Mangishiye zonke izinto zezwe ukuze ngitholakale, kuYe, inceku yeqiniso.

<sup>257</sup> Busisa lelibandla, Baba, njengoba sihamisha leliculo kuWe ezinhliziyweni ezibongayo, silicula ngokusuka ezinhliziyweni zethu, Wathi ubumnandi ezinhliziyweni zethu ngokujabula, ngoba amafutha enjabulo kaNkulunkulu athululelwe emiphefumulweni yethu.

Ng'yaMthanda . . .

Manje, khonzani nje enhliziyweni yenu.

. . .Ng'yaMthanda

Ngoba . . . (...?...) 



61-0207 Ukulindela  
EFirst Assembly Of God Of Long Beach  
ELong Beach, ECalifornia E-U.S.A.

ZULU

©2024 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)